# *Kungani?*

. . . umzuzwana nje womkhuleko. Asikhothamise amakhanda ethu. Ngamunye onesicelo, masaziswe ngokuphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu. Bamba isicelo sakho enhliziyweni yakho manje, njengoba sikhuleka.

2 Nkulunkulu onoMusa noNgcwele kakhulu, siza eBukhoneni baKho bobuNkulunkulu manje, ngendlela yomkhuleko, sicela kuqala ukuthi Usithethelele iziphambeko zethu, njengoba nathi sibathethelela labo abanamacala kithi.

3 Futhi kunezicelo eziningi kulobubusuku, Baba. Uyazibona izandla zabo, futhi Uyasazi isifiso sezinhliziyo zabo nalokho okuphakathi lapho. Bengizocela kanye, kanye nesandla sami siphakeme, futhi, ukuthi Wena uyosinika isifiso senhliziyo yethu, futhi ikakhulukazi ukuphulukiswa kwemizimba yethu, nenjabulo yensindiso yethu ukuba ibuyiselwe kithi ezibusisweni eziningining kangaka zikaNkulunkulu esizifisayo. Kwangathi kungehlela phezu kwethu, Nkosi.

4 Futhi sikhulekela ukuthi Uzobusisa abefundisi ndawo zonke, esizweni sonke nezwe. Kusasa kuyisabatha, futhi kuzoba namabandla neminyango ivuliwe, nabantu beza behamba, nabefundisi beshumayela futhi bekhulekela abagulayo, O Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzogcoba zonke izinceku zaKho kusasa ngemilayezo emikhulu, futhi uzwe imikhuleko yabo yabagulayo nabadingayo. Sindisa abalahlekile, thola udumo kuWe uqobo, ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

5 Ningahlala phansi. Kuyinhlanhla enkulu ukubuyela etabernakele, kulobubusuku, ukuqhubeka ngobusuku besibili, noma, lokhu—lokhu, ubusuku besithathu bokubuthana kwethu ndawonye. Futhi siyaxolisa ukuthi asinayo indawo yokuhlala enkulu ngokwanele ukunakekela labobantu abama amahora, siyazi izitho zabo zibuhlungu. Kodwa ngiyakhuleka ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi uNkulunkulu waseZulwini uzokuvuza ngakho kweyakho . . . nani nimile futhi nilinde ngendlela eniyiyo, nabaningi benu abahlezi lapha begula futhi bengabadingayo.

6 Manje, ngisanda kucela uBilly Paul, indodana yami, futhi, uma uGene, noma yimuphi wabo, noma yena uqobo ekhiphe amakhadi omkhuleko futhi, futhi wathi abazange, ngoba silindele, masinya emva kwenkonzo kulobubusuku, inkonzo yombhaphathizo. Phansi ekamelweni elingaphansi, ngiyakholwa, yilapho ichibi likhona.

7 Ngiyakhumbula ngesikhathi sokugcina ngilapha futhi babenenkonzo yombhaphathizo, ngikholwa ukuthi

bangishelelisa kwenye yama-ovaloli ahlangene kaMfowethu Lyle. Mude kancane kunami, ngakho ngadingeka ngiyigoqe phansi ekugcineni, futhi bangihloma phansi kulelichibi, futhi bashisisa amanzi kakhulu, athi ukungiyobula. Kodwa ngenza lokho engangicabanga ukuthi kwakulungile futhi ngabhaphathiza bonke engangibazi ukuthi ngangingababhaphathiza.

8 Manje, kusasa, ngisanda kuthola kuMfowethu Moore ukuthi ngizokhuluma emva kukaSonto sikole kusasa ekuseni, khona impela emva kwenkonzo kaSonto sikole.

9 Manje, nina lapha eninamabandla eniya kuwo, besingethande ukuba nigeje inkonzo yenu uqobo, yima endaweni yakho yokulinda. Njalo, lapho ibandla lakho linezinkonzo, ngani, futhi wena ulapha ngokwendawo, ngani, kuyindawo yakho ukuhlala ebandleni lakho. Uyabo? Futhi uma ungenabandla, futhi ungathanda ukuza, ngani, siyakuthakasela.

10 Bese kuthi-ke lapho sikhulekela abagulayo, futhi uma ninabathandiweyo, ngiyakholwa, uma nje ningathi kuMelusi, "Ngabe kuzolunga kimi ukuthatha uMama, uSonny, noma omunye umuntu ukuba akhulekelwe na?" Ngineqiniso ubeyothi, "Lokho kulungile," uyabo, uma uzela ukuba nomuntu akhulekelwe.

11 Kodwa uma nje kuphela ubungakukholwa nje, umelusi wenu unegunya elifanayo lokukhulekela abagulayo njengoba ngenza, niyabo, kumbe noma ubani omunye. Awudingi ukuba uye emhlanganweni oyisipesheli ukuba uphulukiswe, awudingi ngisho nokuthi ukhulekelwe, Memukele nje, yilokho kuphela okudingekayo.

12 Izolo kusihlwa uMoya oNgcwele wenze okuthile okukhethekile, besingenawo amakhadi omkhuleko, ngakho Wavele waphuma wadabula esakhiweni. Bekungesiyo yini into emangalisa kakhulu ukuthi Ukwenze kanjani lokho na?

13 Futhi niyabo, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akulele kumuntu, empeleni, niyabo, kusemsebenzini osuqediwe, ukukholwa kwakho emsebenzini osuqediwe. Futhi isiphiwo sokuphulukisa siyisiphiwo nje sokukholwa *soku*phulukisa. Niyabo? Manje, isiphiwo sokuphulukisa asidingi ukuba kube, ngisho kube ngumelusi, kungaba yi—yilunga nje, abantu abangafundele lutho bangaba nento efanayo.

14 Niyabo, ngiyakhumbula ngesinye isikhathi eMeridian, eMississippi, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, ngangibambe umhlangano, futhi lalina. Ngangilapho nendoda egama linguBrother, yayingomunye wabefundisi ababambisanayo, noma wayengomunye owayewuxhasa ngalawa amanye amabandla, kimi kubonakala sengathi igama lakhe lalinguBigsbee, noma uBusbee, noma into ethize efana naleyo, ezansi eMississippi. [Umfowethu uthi, "Busbee."—Umhl.]

Busbee, lowo mhlawumpe bekunguye, umdlali webhola lezinyawo, wayevame ukuba nguye, ya.

15 Futhi kwakusehholo elikhulu, futhi kwabakhona ubufakazi obafikayo obabumangalisa, nobufakazi babungukuthi. . . Ngathumela uBilly ezansi ukuba akhiphe amakhadi omkhuleko ukuze bangabi njengenkundla i-arena, yi—yindlu yokukhonzela. Nakuba kwakuyihholo elikhulu, kodwa thina, kuseyindlu yokukhonzela inqobo nje uma iBandla lihlangana lapho. Ukuthi noma ngabe kukuphi lokho yi. . .Abantu bayiBandla, ababizelwe ngaphandle.

16 Nobufakazi bangena kamuva, ukuthi kwakukhona inenekazi elincane lihlezi esihlalweni esingaphambili, eyejwayelekile nje, encane, intombazane yebandla, leyo, umama omncane, futhi kwakukhona elinye inenekazi lihamba liya emuva naphambili nengane, nengane yayisongwe ngengubo yokulala, futhi lalina. Inenekazi elincane belingeke libe nendawo yokuhlala phansi, kwakugcwele phama nje futhi kuminyene phandle ezitaladini, nabantu bemi nezambulela.

17 Futhi ngakho, lelinenekazi elincane lihlezi lapho, uMoya oNgcwele wakhuluma kulo, ilunga elincane nje loMzimba kaKristu, futhi lasho uMoya oNgcwele wathi kulo, "Hamba, ukhulekele leyongane." Futhi ngenkathi inenekazi liphenduka, laliphethe ikhadi lomkhuleko esandleni salo.

18 "O," lathi, "Baba, a—angeke ngihambe ngikhulekele leyongane, uMfowethu Branham uzokhulekela leyongane kulobubusuku," sengathi lokho kwakuhlangene nakho, kodwa lathi, "A—angikwazi nje ukukhulekela leyongane."

19 Futhi lapho lihamba liya emuva naphambili, kwakulokhu kungena enhliziyweni yalo kakhulu nakakhulu, "Hamba ukhulekele leyongane!"

20 Futhi, ekugcineni, lathi, "Mhlawumpe, mhlawumbe, ukukususa enhliziyweni yami, ngingavele nje nginike inenekazi isihlalo sami, empeleni, ngoba libukeka sengathi likhandlekile."

21 Futhi lathi wathi, "Sawubona, Dadewethu na?" Lathi, "U—ubukeka ukhathele kakhulu unengane, futhi a—anginjalo, anginayo ingane yami, ngakho-ke ungathatha isihlalo sami futhi uhlale phansi lapha na?"

Laselithi, "O, ngiyabonga, Dadewethu, angifuni ukuthatha isihlalo sakho."

22 Lathi, "Yebo, ufanele ukwenze, ngoba ngi—ngiyabona ukuthi ukhathele futhi ukhandlekile." Awu, lahlala phansi. Lathi, "Ngaphambi nje kokuba uhlale phansi," lathi, "Ngiyaqaphela ukuthi unekhadi lomkhuleko esandleni sakho."

Lathi, "Yebo, insizwa inginike lona emizuzwaneni embalwa edlule, lapho iphuma ngomnyango."

Futhi lathi, "Awu, uMfowethu Branham uzokhulekela ingane yakho, kulobubusuku."

Lathi, "Ngithemba kanjalo. Ngithemba ukuthi inombolo yami iyabizwa kulobubusuku."

23 Futhi lathi, "O, ngi—ngizokhulekela ukuthi uMfowethu Branham uzobiza inombolo yakho, kulobubusuku." Laselithi-ke, "Uma mina, ngingumKristu, angikwazi nje ukukususa enhliziyweni yami ngakho uma nje uzongixolela, ubungakwenza, bekungakhulula imizwa yami uma nje ubungangivumela ngisho umkhuleko omncane wengane yakho."

"Ngani," lathi, "Impela, s'thandwa, qhubeka, ukhulekele ingane."

24 Futhi layibamba futhi umama omncane wabeka izandla zakhe phezu kwengane encane ikhala, wayesethi, "Nkosi, ngi—ngi—ngenza lokhu, ngoba ukukususa enhliziyweni yami. Ngikhulekela ukuthi Uzoyiphulukisa ingane lapho inceku yaKho, uMfowethu Branham, efika futhi ayikhulekele, mayiphulukiswe."

25 Futhi lahlala phansi, elinye inenekazi nengane, nalelinenekazi liyahamba futhi likhwele phezulu le kuvulandi osesitezi, ngikholwa ukuthi yayinovulandi abasesitezi ababili, futhi lalikuvulandi osesitezi ophezulu.

26 Ukuthi cishe imizuzu emihlanu emva kwalokho ngiyangena, futhi emva kokuba sengiqedile ukushumayela ngathi, "Ngizobiza amakhadi omkhuleko lamashumi amabili-nanhlanu kuya emashumini amahlanu," noma into ethile efana naleyo.

27 Niyayazi indlela engivamise ukuyenza, ngiqala ndawondawo, lapho amakhadi exutshwe khona futhi nje ngibize iqembu liphume ukuze abantu bengezukubuthana balwe, "Nginenombolo yokuqala," noma, "inombolo yesibili," kumbe noma ngabe kuyini.

28 Futhi kwenzeka ukuthi lelinenekazi cishe lalingelesithathu noma elesine emgqeni. Awu, umama omncane phezulu esakhiweni, niyazi, phezulu esiqongweni, wayejabule kakhulu, wathi, "O, ngiyabonga, Nkosi. O, ngijabula kakhulu ngalowomama omncane, obesenhliziyweni yami *kangaka*, ngaleyo encane bandla, ingane egulayo."

29 Ngenkathi ingane encane ingena emgqeni womkhuleko, yenyukela eduze kwalapho esasimi khona, lapho engangimi khona, ngalibuka, manje, sikutholile eteyipini, niyazi, futhi ngathi, ngayibamba kanjalo-ke, futhi Kwathi, "Dadewethu," kwathi, "ingane yakho i—iphethwe yi," ngiyakhohlwa ukuthi kwakuyini, uhlobo oluthile lwesifo, noma inkathazo. Kwathi, "Uvela endaweni ethize, futhi unguS*'bani-bani*, uNkk. *Gama-elithize*," futhi kwathi, "kodwa ingane yakho isivele iphulukisiwe." Kwathi, "Ngoba uMoya oNgcwele ukhulume

kulelonenekazi elincane limi phezulu lapho kuvulandi osesitezi, selivele likhuleke umkhuleko wokukholwa ngengane yakho." Niyabo?

30 Uzwelo lwalowomama ngengane lwaluyohamba ludlule kude le kwalokho engangiyoba nakho ngakho, niyabo. Ngakho isiphiwo sokuphulukisa, uma uNkulunkulu eke akhulume enhliziyweni yakho ukuba uhambe ukhulekele omunye umuntu, yenza lokho uNkulunkulu akutshela ukuba ukwenze, niyabo. Niyabo? Njalo landela uMoya oNgcwele.

31 Izolo ebusuku, ngikhuluma. . . Sikholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina. Uyakukholwa lokho, awukukholwa na? Ngaphambi nje kokufika kweNkosi uJesu. Bese kuthi-ke kanjani ukuthi uNkulunkulu ekuqaleni, ngenkathi uJesu efika emhlabeni, Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa, kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke kholwani yimisebenzi." Uma wawungenakuMkholwa njengoMuntu, ngani, kholwa yimisebenzi elandela uMuntu.

32 Futhi sithole ukuthi sikhuluma izolo ebusuku, ukuthi uNkulunkulu kuqala wazembula Yena uqobo eNsikeni yoMlilo, khona-ke Wazembula Yena uqobo eNdodaneni yaKhe, manje Uyazembula Yena uqobo eBandleni. Niyabo? UNkulunkulu ofanayo, uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, niyabo, eBandleni. Kulungile. UNkulunkulu ngaphezu kwethu, uNkulunkulu enathi, uNkulunkulu ekithi, kuyilokho okuyikho.

33 Manje, khona-ke siyathola ukuthi ngenkathi uJesu esemhlabeni, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Kunjalo. Awu, ngenkathi Efa, wembelwa, wavuka, futhi wenyukela kweliPhezulu, siyaqonda ukuthi uNkulunkulu, ukuthi iZwi-mcabango, noma iNsika yoMlilo eyalandela abantwana bakwa-Israyeli ehlane, Lowo kwakunguKristu, Lolo kwakuluGcobo.

34 Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Ngiyalithanda leloZwi, *NGIKHONA*, anilithandi na? Hhayi ukuthi, "Ngangikhona," noma, "Ngizobakhona." "NGIKHONA." Uma uthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, uMenza athi, "Ngangikhona," kodwa Akakushongo lokho. "NGIKHONA. Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA."

35 Manje, siyathola-ke ukuthi ngenkathi Yena, emva kokuvuka nokwenyuka kwaKhe, Wabuyela kuNkulunkulu Ayenguye, owahola abantwana bakwa-Israyeli badabula ehlane, futhi Wayesebuyele eNsikeni yoMlilo futhi.

36 UPawulu, esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, washaywa walahlwa phansi ngukuKhanya, futhi akukho namunye wabo owabona lokho kuKhanya, kodwa uPawulu waKubona. Futhi ngenkathi eshaywa walahlwa phansi, wezwa iPhimbo lithi, "Sawulu, Sawulu, UNgihluphelani na?"

Futhi wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu." Wavela kuNkulunkulu, futhi Waya kuNkulunkulu.

37 Sithola ukuthi kulolusuku lokugcina uMoya oNgcwele usebuyele emuva emnyakazweni wePhentekoste, sinesithombe saWo, iNsika yoMlilo efanayo. Manje, leyoNsika yoMlilo efanayo eyayikhona ngaleyonkathi, eyabonakaliswa enyameni yomuntu, futhi, yakhombisa isibonakaliso sobuMesiya kubantu. Manje, siyazi ukuthi uMesiya njengoba sifundisisile, isibonakaliso sikaMesiya, WayenguNkulunkulu-mProfethi.

38 Yilokho wonke u-Israyeli weqiniso ayekubhekile, kwakungumprofethi, ngoba uNkulunkulu wayethe, "Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi, Ngiyakuzazisa kuye, nalokho akushoyo kuyenzeka, muzweni, Nginaye; uma kungakwenzi, khona-ke ningamuzwa."

39 NoMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." Futhi siyathola ukuthi ngenkathi uJesu efika, ukuthi Wenze isibonakaliso somprofethi phambi kwendoda ebizwa ngo, ake sithi uSimoni Petru. Igama lakhe lalinguSimoni ngaleyonkathi, futhi Wathi, wathi nje angakhuphukela kuYe, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, uyakubizwa ngoPetru; uyihlo kwakunguJona." O, lowo kwakuyilowomProfethi ngokuphelele!

40 Futhi uNathanayeli wakubona, futhi, noma, uFiliphu wakubona, wagijima watshela uNathanayeli, "Woza, ubone ukuthi uBani esimbonile, noma, uBani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

Futhi wathi, "Kungaba khona okuhle okuzayo . . . ?"

Wathi, "Woza, uthole."

41 Akungabazeki wamtshela indaba ngalokho lapho ewela. Khona-ke uNathanayeli engumHeberu wokuqina nekholwa, wathi nje angangena emgqeni womkhuleko, noma izethameli noma ngabe kwakukuphi, awu, sithola ukuthi uJesu wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi uphansi komuthi, Ngakubona."

Lokho kwakwenza, wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli."

42 Manje, kunezinhlanga ezintathu zabantu emhlabeni, uma ulikholwa iBhayibheli, kunezinhlanga ezintathu kuphela, abantu bakaHamu, uShemu, noJafete; umJuda, oweZizwe, nomSamariya. UPetru enezihluthulelo ePhentekoste wakuvula kumaJuda; uFiliphu wehla futhi washumayela futhi wababhaphathiza ezansi eSamariya, kodwa uPetru

wehla, wabeka izandla phezu kwabo, bemukela uMoya oNgcwele; nendlu kaKorneliyu, Wayenezihluthulelo ezakuvula kulababantu abathathu.

43 Manje, kwakukhona izinhlanga ezimbili zabantu zibheke uMesiya ukuba afike, umSamariya nomJuda. Uza kuphela kulabo abaMbhekile. Ngabe kunjalo na? "Ilanga lokulunga," labo abambhekile, "lizobonakala e—esikhathini sokuphela, liphulukisa emaphikweni alo."

44 Manje qaphelani, manje, ngenkathi Ezazisa Yena uqobo kumaJuda ngesibonakaliso saKhe sobuMesiya . . . Ufanele adlule ngaseSamariya, Wayenesidingo, nakuba Wayeya eJeriko. Nowesifazane uyaphuma, siyayazi indaba, ukuthi Waxhumana kanjani nomoya wakhe kuqala, wayeseqala ukukhuluma naye, wayesethi, "Ngiphuzise."

Futhi ingxoxo, kwakukhona ukwehlukana, owesifazane wathi, "Akusilo isiko."

Futhi emva kwesikhashana Wathola ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, futhi uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

45 Yena owesilisa . . . owesifazane wathi, "Usho kahle," Owesilisa washo lokho kuye, "ngokuba ubunamadoda ayisihlanu, le ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho, ngakho wenze kahle."

Wathi, "Mnumzane . . . "

46 Bhekisisani umehluko phakathi kwakhe nalabo bapristi, orabi, bathi, "Yena unguBelzabule," ngenkathi Enza lokho. Futhi bathi . . .

Wathi, "Lokho akunakuthethelelwa." Ukubiza uMoya kaNkulunkulu ngento engahlanzekile, kungukuhlambalaza. Niyabo?

47 Kodwa lona wesifazane wayazi kakhulu ngenkonzo kunoma inqwaba yabashumayeli yazi namhlanje. Lokho ngukuthi . . . Nakuba sicabanga ukuthi wayengunondindwa, kodwa wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyokhombisa lezizinto." Wafundiswa, wayazi ukuthi wayebhekeni.

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

48 Phezu kwalokhu washiya imbiza yakhe yamanzi wayesegijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na? Akusikho yini lokho uMesiya afanele akwenze na?"

49 "Yebo." Futhi amadoda amkholwa uJesu ngenxa yokusho kowesifazane ukuthi uJesu wayenguMesiya, ngoba Wakhombisa isibonakaliso sobuMesiya.

50 Manje, akukaze nakanye emiBhalweni Ake akwenze kwabeZizwe, qhabo. Kodwa Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, bedla, bephuza, beganwa, bendiswa, nasemihleni kaLoti." Manje, sikuthathile . . . Qaphelani, ezinsukwini zikaLoti kwakukhona izigaba ezintathu zabantu. Kuhlala njalo kunezigaba ezintathu, yonke into isebuthathwini, nobuthathu ngokukodwa.

51 Qaphelani, kwakukhona, ngezinsuku zikaLoti kwakukhona ongakholwayo, abaseSodoma; kwakukhona uLoti, ibandla elisivivi, nomndeni wakhe; kwakukhona u-Abrahama, obizelwe ngaphandle, ehlezi phandle ogwadule ngokuzikhethela. Hhayi ngoba wayefanele, kodwa ngokuzikhethela wathatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi.

52 Ngenkathi iziNgelosi zehla futhi zakhuluma naye, zazi . . . Ngikholwa ukuthi kwakunguMzimba-moya, ngeqiniso ngiyakholwa, ngoba KwakunguNkulunkulu. Ezimbili zazo, uBilly Graham wesimanje, kanjalonjalo, zehlela eSodoma, futhi zashumayela kwabaseSodoma nasebandleni elisivivi. Futhi azizange zenze noma yiziphi izimangaliso, kuphela zabaphuphuthekisa. Nokushumayela iVangeli kuphuphuthekisa ongakholwayo, siyakwazi lokho. Ukushunyayelwa kweZwi kuphuphuthekisa lowo ongakholwa.

53 Kodwa bhekisisisani isibonakaliso leNgelosi esenze phandle lapho eBandleni elikhethiwe, Yayifulathele ngomhlane waYo ethendeni, futhi yayiyisiHambi, futhi Yathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Kunjalo na? Yamtshela ukuthi wayeshadelwe, negama lomkakhe kwakunguSara, isiHambi.

54 Futhi bhekisisani, iBhayibheli lisho ngqo, "Usethendeni emva kwaKho," emva koMuntu. UNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, loMuntu wayenjalo. U-Abrahama waMbiza ngo-Elohim, uSomandla. Niyabona ukuthi Uzokwenzani ngezinsuku zokugcina na? "Ethendeni emva kwaKho." Hlobo luni lokufunda umcabango noma ukufunda ingqondo lokho na?

55 Futhi Wathi, "Ngizokuvakashela." Manje khumbulani *Ngi*, *Nga*nginguNkulunkulu owenza isithembiso, leNdoda efanayo yathi, "Ngi." Futhi u *ngi* yisabizwana somuntu. Kulungile. "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila."

NoSara wahlekela ngaphakathi ethendeni, niyazi, "*Hawu!*"

56 NeNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Emva kwaYo. USara wakuphika. UNkulunkulu wayeyomshaya khona lapho, kodwa Akakwazanga ngoba wayeyingxenye ka-Abrahama.

57 Izono zethu beziyosona ukuba besingeyona ingxenye kaKristu; Angeke ashaye iBandla ngoba singabakaKristu. Niyabo? USara no-Abrahama babemunye, uKristu neBandla laKhe Munye. Izono zethu zimbozwe ngeGazi laKhe, ngokukholwa kwaKhe, hhayi okwethu, sithembele emisebenzini yaKhe esiqediwe.

58 Manje khumbulani, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu," kungenjalo, ukuvakashelwa kwento efanayo. Manje, uma uNkulunkulu akhombisa isibonakaliso saKhe ekupheleni kwamaJuda, futhi ekupheleni kwesimiselo sesikhathi samaSamariya, futhi avumele abeZizwe bangene nje esayenseni yezenkolo ejwayelekile, Wenza iphutha. Ungongenasiphelo, isinqumo saKhe sokuqala, ukuthi kwenziwa kanjani noma yini kuhlala kunjalo. Yilapho esinokukholwa khona eZwini laKhe, ngoba Akushoyo, AngeKuguqule.

59 Ngingalishintsha elami, ngoba ngingonesiphelo; Yena ungongenasiphelo, futhi angeguqule iZwi laKhe. Ngakhoke lapho uNkulunkulu esho noma yini, beka umphefumulo wakho kuyo, ngoba iqinisile. Yileyondlela kuphela ongake ube nokukholwa ngayo, ngukukholwa Akusho, yileyondlela kuphela ongaMthokozisa ngayo, ngukukholwa lokho Akusho.

60 Futhi niqaphelile, khona manje, ngehora lokugcina, ngenkathi singenisa lapho ukuthi lenkomfa enkulu yokugcina, lapho uKhrushchev nezizwe ezinhlanu zasempumalanga, u-Eisenhower umholi, izizwe ezinhlanu zasentshonalanga zazimelwe, nezinzwane eziyishumi zesithombe, zazingexubane, futhi uKhrushchev wakhumula isicathulo sakhe futhi wasishaya (Umqondo wokomoya ubuyocosha lokho ngokukhulu ukushesha, niyabo.), phezu kwedeski na? Niyabo, ngeke baxubane.

61 Into elandelayo ngukufika kweTshe elaqheshulwa entabeni kungengazandla, eliyogingqikela embusweni wabeZizwe, uyoqedwa.

62 Ngaphambi nje kwalesosikhathi, Uzothumela leNgelosi kuliphi ibandla na? ESodoma na? Qhabo. Kosivivi na? Qhabo. WaLithumela kwabakhethiweyo, iBandla elibizelwe ngaphandle. Hlobo luni lwesibonakaliso Alukhombisayo na? Into efanayo Ayenze lapha izolo ebusuku, uNkulunkulu, u-Elohim ebonakaliswe kuMuntu kaMoya oNgcwele eBandleni laKhe. O, he! Ngani, bekufanele kusithumele amamayela ayisigidi esibhakabhakeni ngokumemeza nezindumiso zenkazimulo yaKhe!

63 Lezizinto zazenzeka ngaphambi nje, hhayi amanzi awa, Unikeza izimilo zabantu, okuzoba khona, kodwa eSodoma, khumbulani, Washiya lokho kanjalo, lokho kuhunyushwa ngokomoya. Sisesikhathini sokuphela, bangane. Cabanga ngalokho kulobubusuku, futhi uma isono silenga empilweni yakho, cabanga ngakho.

64 Kusasa, uma uNkulunkulu ethanda, ngizothumela abafana ngapha, noma ngisho kusukela khona lapha manje ukunikeza amakhadi omkhuleko kusasa kusihlwa, cishe ngelesithupha nqo,

ngiyacabanga. Ngabe lokho kuthi akube okulungile, Mfowethu Moore na? Cishe ngelesithupha nqo kusasa kusihlwa.

65 Manje, siselapha kulobubusuku, khulekani. Ubani owaziyo ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani! Asazi, UnguNkulunkulu. Futhi uma uNkulunkulu ezokwenza into eyodwa, okungaphezu kwemvelo, ukufakazisa ukuthi Ulapha, ubufakazi obungenakuphosisa, khona-ke into kuphela ofanele uyenze ngukuthi, "Yebo, Nkosi, ngiyakukholwa."

66 INingizimu Afrika lapho amashumi ezinkulungwane, ephindwe kazinkulungwane zazihlezi, isibonakaliso esisodwa nezinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu ezihlalweni ezinamasondo, imibhede eyizinhlaka, nezinhlaka, imithwalo yamaveni amakhulu eyisikhombisa yayicoshwa kusukela ngesikhathi esisodwa. Abahedeni abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu abaluhlaza bephula izithixo zabo emhlabathini futhi beza kuJesu Kristu.

67 O, he! Sifunzwe kakhulu izimfundiso ngayo yonke into, futhi sixakeke kakhulu futhi siyesaba. Ungesabi. Ngobunye ubusuku ngashumayela ngalokho, *Ningesabi, YiMina*. Okuwukuphela kweNto eyayingabasiza, babefa, beminza, uSathane wayezobathatha, futhi babecabanga ukuthi Wayeyisipoki, umoya, iNto kuphela eyayingabasiza.

68 Futhi kungaleyondlela namhlanje, okuyiyonaNto kuphela engakhulula wena emdlavuzeni, okuyiyonaNto kuphela engakhulula wena enkathazweni yenhliziyo, umuthi awunawo amakhambi alokho, okuwukuphela kweNto engakusiza yiNto oyesabayo, oyesabayo ukuthi Ingumoya wohlobo oluthize, NguMoya, uMoya oNgcwele, uKristu ebonakalisiwe ezimpilweni zethu. Mkholweni manje.

69 Manje, kusasa ebusuku sizokhulekela abagulayo, futhi kusasa ekuseni, uma iNkosi ithanda, uma ngizokhuluma, manje le. . . intando yeNkosi, bengifuna ukukhuluma ngendaba emva kukaSonto sikole: *Kwakungenjalo Kusukela Ekuqaleni*.

70 Manje, asiphenye kulobubusuku eNcwadini kaJeremiya, futhi ngizovele ngikhulume nani isikhathi esifishane nje ngokuthi, ngendaba. Asiphenye kuJeremiya futhi siqale ngesahluko 8 nevesi lama 20 futhi sifunde elama 22 nalo. Futhi lalelisisani ukufundwa, amazwi ami ayohluleka, amaZwi kaNkulunkulu angeke ehluleke. Ngingumuntu, amazwi ami ayehluleka; AkaNkulunkulu angeke, Afanele. Ivesi 20:

> *Ukuvuna sekudlulile, ihlobo seliphelile, asikasindiswa thina.*
>
> *Ngenxa yokulinyazwa kwendodakazi yabantu bami; Ngimnyama; ukumangala* kungibambile.

*Alikho yini ibhalisamu kwaGileyadi na; inyanga ayikho lapho na? pho kungani impilo yendodakazi yabantu bami ingasindi na?*

71 Futhi uma ngingakubiza ngendikimba, ngingathanda ukuthatha lawo amancane, amaZwi amathathu, iGama elinezinhlamvu ezintathu, njalo: *Kungani? Kungani?*

Asikhuleke kanye futhi. Singakhuleka na? Ngaphambi nje kokuba sisondele kukho.

72 Baba, "Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yethu," njengoba uFanny Crosby oyimpumputhe wake washo, "ngaphezu kokuphila kimi." Futhi sihlezi lapha kulobubusuku kuleLife Tabernakele, itabernakele elibizwa ngegama loku*Phila*, akusilo igama kuphela elingaphandle kwe*Life Tabernakele*, kodwa Nkosi, abantu abangaphakathi, sinokuPhila okuPhakade, ngoba sikholwa kuWe, ngokuba kulotshwe kanjalo eZwini: "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

73 Siwathanda kanjani lamaZwi, ngoba AngukuPhila kithi. IZwi laKho lingukuPhila. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu."

74 Futhi kulotshiwe ngomusa kakhulu futhi eNcwadini yamaHeberu nguPawulu, siyakholwa, isahluko 4, ukuthi "IZwi likaNkulunkulu," elinguKristu, "libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika lize lahlukanise, ngisho nasemnkantsheni wethambo, futhi," isihlanganiso, "uMahluleli wemicabango yengqondo." Ukuthi iZwi, iZwi elinguMoya, uMoya oNgcwele, ungehlulela imicabango osengqondweni yethu. SiKubonga kanjani ngalokhu, Nkosi!

75 UMoya oNgcwele ngamandla aKhe ukuphulukisa abagulayo, nokukhulula abathunjiweyo, nokubanika ukukhululwa bonke abasebugqilini. Siyakhuleka kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Uzokhulula wonke umphefumulo ebugqilini.

76 Thatha owesilisa noma owesifazane ongowebandla futhi ongakwazi Wena njengoMsindisi oqondene nabo, kwangathi bangemukela Wena kulobubusuku njengoMsindisi wabo, babuyele ebandleni labo kusasa ekuseni, futhi babambe izandla zomelusi wabo, bese bethi, "Melusi, kade ngiyilunga lapha iminyaka *eminingi kangaka*," noma izinyanga, kumbe noma ngabe udaba lungaba yini, "kodwa izolo ebusuku nginikele ngempela inhliziyo yami, manje sengingumKristu. UJesu unguMsindisi wami, ngiMfumene emnene futhi ethandeka emphefumulweni wami. Ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni. Yonke injongo yami nezimpokophelo zami kwehlukile manje. NgiyaMthanda, futhi ngizoba

yilunga elingcono lalelibandla kunoma ngake ngaba yilo ngaphambilini." Siphe khona, Nkosi.

77 Kwangathi abaningi bangagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, abagulayo baphulukiswe, uNkulunkulu emukele inkazimulo. Sisize manje njengoba sizindla ngezwi elikhulu, umbuzo, njalo, *Kungani?* Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

78 Manje: *Kungani?* Lowo ngumbuzo, futhi akekho onelungelo elingcono lokuwubuza kunoNkulunkulu, futhi Uwubuzile endikimbeni kulobubusuku. Uma uNkulunkulu enza indlela yokuphunyuka yabantu baKhe, ukuphunyuka entweni embi kabi, noma ukugula, noma ukufa, noma, ukufa kwaPhakade, bese kuthi-ke abantu behluleke ukwemukela lokho, uNkulunkulu uyabuza, "Kungani na? Awukwenzanga ngani na?"

79 Manje, lokho kuzoba yinto enkulu ngoSuku lokwaHlulela lapho uNkulunkulu ezobuza thina kulobubusuku esibuthene lapha ongayikuMemukela njengoMsindisi wethu futhi sigcwaliswe ngoMoya waKhe, "Awukwenzanga ngani na? *Kungani?*"

80 Futhi sizodingeka sinikeze impendulo kulokho. Khumbulani nje, sizophendula ngawo onke amaZwi uNkulunkulu alilobile. "Anikwenzanga ngani na? Ngani na?" Futhi aniyikuba nazaba ngaloloSuku, siyodingeka sime phambi kukaNkulunkulu.

81 Manje, njengeNkosi yakwa-Israyeli nje ngenkathi iyindodana ka-Ahabi noJezebeli, yayihlala e, enhla eSamariya, yayindoda engcolile. Yayifana noyise, noma, unina, yayikhonza unkulunkulu kanina, uBali. Futhi ngoluny'usuku esaphuma egosini, wawa eheleni futhi wazilimaza, wagula. Wayese-ke ebiza amabili akhe ahamba ngezinyawo, amasosha, futhi wawathumela ngale e-Ekroni futhi wacela ukubuza kubaprofethi bakaBali, noma uBali-zebubi, njalo, wayezosinda noma qha.

82 Kodwa uyazi ukuthi angeke umfihlele lutho uNkulunkulu. Ezansi le ehlane ndawondawo kwakukhona u—umshumayeli omdala owayazi uNkulunkulu, igama lakhe kwakungu-Eliya. UNkulunkulu wembula izimfihlo zaKhe ezincekwini zaKhe, noMoya oNgcwele wafika ku-Eliya, wawusuthi, "Yenyuka futhi ume endleleni, futhi ubamise."

83 Futhi u-Eliya wenyuka egqumeni emgwaqeni owedlula intaba waya komunye umuzi, futhi wamisa amasosha emgwaqeni, wayesethi, "Hambani nitshele lenkosi ukuthi ayehli kulowombhede. Kungani na? Kungani athumela ngale ukuyobuza uBali-zebule nganoma yini na? Yingoba kungekho Nkulunkulu kwa-Israyeli na? Yingoba akukho mprofethi ezansi lapha na? Yingoba uNkulunkulu akazazisanga Yena uqobo kwa-Israyeli na? Yingoba uNkulunkulu akahlinzekanga umprofethi

ukuba kubuzwe ngalezizinto ngaye na? Manje-ke kungani eyothumela laphaya na?" Wayefuna ukwazi ukuthi kungani.

84 Futhi ngenkathi amadoda esebuya, futhi aletha umlayezo, iNkosi yathi, "Umuntu ubeluhlobo luni lona na?"

85 Wathi, "Wayenoboya, futhi enesiqephu sesikhumba semvu, noma isikhumba sisongwe ezinkalweni zakhe." Nenkosi yayazi ukuthi lowo kwakungu-Eliya umprofethi, owayeneZwi leNkosi.

86 Kwakungesikho ngoba kwakungekho Nkulunkulu kwa-Israyeli. Kwakungesikho ngoba uNkulunkulu wayengenaye umprofethi kubo ukuba bambuze, kodwa kwakuyizindlela zeNkosi uqobo zenkani. Wayengamthandi nje u-Eliya. Wayengamthandi, ngoba u-Eliya wayeyomqondisa njalo ezonweni zakhe, futhi umprofethi kaNkulunkulu uhlala eneqiniso neBhayibheli. Kungakhathaleki ukuthi kuyini, uneZwi likaNkulunkulu futhi u, ulala nalo ngqo. Futhi kuyoshukumisa indoda, futhi uma indoda ithembekile futhi iqotho, iyofuna ukulungisa leyonto, kodwa uma ingakwenzi, khona-ke iphendukela isithunywa, izama ukuminzisa iPhimbo.

87 Esikhathini esithile esedlule ngafunda udatshana ephephandabeni ePhoenix, nephepha lathi kwakukhona umhlwayi owabulawa ngoba wayethole imali futhi wayesendleleni yakhe e, ne—indoda engcolile yayimlandela, nenja yakhe yasukuma ukuba ikhonkothe, nendoda yayiphupha emini kuphela konke ukuthi yayizokwenzani ngemali ngenkathi ingena, futhi yathatha isibhamu sayo, yaya emnyango futhi yadubula inja.

Kamuvanyana umgulukudu wangena, futhi wabulala umhlwayi, futhi wathatha imali yakhe; eminyakeni eminingi edlule. Futhi kwavunywa yindoda ngaphambi kokuba ife.

88 Wenzani umhlwayi na? Wayesongelwe kakhulu kulokho ayezokwenza ngemali yakhe, waze wathatha isibhamu sakhe wayesethulisa iphimbo elalizama ukumxwayisa.

89 Yileyondlela abesilisa nabesifazane abenza ngayo namhlanje. Bayaphuma, mhlawumbe bajoyine ibandla ukuthola ukuthi akubathulisi yini kancanyana, futhi uzame ukumisa iPhimbo likaNkulunkulu elizama ukukwexwayisa ngokwaHlulelwa okuzayo. Uzama ukuthi, "Ngani, ngubuhlanya, noma ngenye into ethize." Ngeke nje uhlale uthule isikhathi eside ngokwanele ukuba ulalele. Qhabo, akusikho ukuthi ngoba asinaye uNkulunkulu, akusikho ukuthi ngoba Engenayo insindiso yethu, yingenxa yokuthi asifuni ukuMlalela.

90 Njengomuntu nje ohambayo, ozofa, nesifo sakhe, esitebhisini somnyango kadokotela, udokotela unekhambi ukunikeza indoda ngesifo sayo, futhi angayisiza ngomuthi wakhe, kodwa indoda ayizukukulalela, iyala nje ukuthatha umuthi kadokotela. Awu, indoda yayingasondela kakhulu kudokotela ize, yayiyohlala esitebhisini somnyango wakhe futhi ife, ifele ngqo esitebhisini

sakhe sasehhovisi, noma aphile. . .-umnyango omakhelwane kuye, futhi afe ngesifo umuthi obekwe ehhovisi likadokotela ukuba amelaphe ngawo.

91 Manje, akusilo iphutha likadokotela, akusikho ukuthi ngoba akukho-muthi lapho, yingoba indoda iyala ukuthatha ikhambi. Kunjalo. Iyafa ngoba iyenqaba ukuthatha ikhambi udokotela analo lesifo sayo.

92 Kunjalo nasebandleni namhlanje. Abesilisa nabesifazane bafela emabhentshini esonweni, ngoba bayalenqaba ikhambi. Kukhona ibhalisamu kwaGileyadi, kukhona inyanga lapho, kodwa abantu bayala ukuthatha ikhambi, abalifuni.

93 Kuyinto eyingozi ukwenqaba umuthi kadokotela. Uma unemfiva ebomvu, noma inyumoniya, noma ngabe kuyini, no—nodokotela ukunika umuthi, futhi uvele uwuthulule, leyo yinto eyingozi, kunjalo, ngoba ungahle ufe.

94 Kodwa kuyingozi kakhulu kangakanani ukuthulula ibhalisamu likaNkulunkulu, ikhambi likaNkulunkulu! Uhlekise ngakho futhi ukubize ngobuhlanya, uhlambalaze uMoya oNgcwele. Akuyikubakho izaba lapho ubuzwa, "Kungani na?" Kuyinto eyingozi ukwenza lokho. Kuyingozi ukungawunaki umzimba wakho, awu, umuthi uma udokotela enawo wesifo sakho, kuyingozi kakhulu ukudebesela ibhalisamu ngomphefumulo wakho, ngoba uNkulunkulu unalo.

95 Manje, ungeke wakubeka ekuthenini, "Awu, aku. . . yiphutha likadokotela."

Qhabo.

"Abanawo umuthi."

96 Bakutholile. Awukwazi ukusho. . .Akusilo iphutha likaNkulunkulu, yiphutha lakho uma ungakutholi. Kukhonela wena lapha, nesimemo kunoma ubani othandayo, iMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian. IPhentekoste ayisiyo inhlangano, ngiyazi bazama ukuyihlela, kodwa ungeke. IPhentekoste isehlakalo esiya kumaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, "noma ubani othandayo, makeze," omnyama, omhlophe, ophuzi, onsundu, noma ngabe ungubani. Yikhambi likaNkulunkulu, yibhalisamu laKhe lesono. Kukhona ibhalisamu kwaGileyadi, ngolunye usuku sizobuza ukuthi kungani singalithathanga.

97 Manje, ngezinye izikhathi ekuphuzeni umuthi, ngezinye izikhathi umuthi awu. . .Ulungile, iBhayibheli lithi unjalo, "Inhliziyo ethokozayo yenza okuhle, njengomuthi." Qaphelani, kodwa ngezinye izikhathi umuthi ngeke njalo usebenze ngokufanayo kumuntu, futhi ufanele uthathe ishansi kulokho.

98 Ngamangala lapha e-Afrika, uma kungahle kube nodokotela oseduze, ukuthi uNkulunkulu ubanakekela kanjani abantu baKhe. Owomdabu wangitshela ukuthi lapho bethola

isilonda esingapholi, babephuma ngaphansi kwesihlahla sasendle esidala, samawolintshi, bese—bese bethola iwolintshi elalimbozwe yonke indawo ngesikhunta, bese behlikihla lesosikhunta kuleso silonda. Umjovo kazifo zonke. Babekwazi emakhulwini eminyaka edlule, futhi sisanda kukuthola maduzane nje, khona-ke sicabanga ukuthi bayizimungulu. UNkulunkulu unakekela abaKhe uQobo. Uma besingachitha isikhathi esiningi sikhuleka, bekuyoba nezinto eziningi ezenziwayo.

99 Manje, siyaqaphela ukuthi ngezinye izikhathi singanikeza isiguli umjovo kazifozonke ngenxa yenyumoniya, uzobulala igciwane; bese kuthi-ke ngezinye izikhathi siwunike omunye, ubulala isiguli. Ungeke waqiniseka kakhulu ngakho.

100 Ngangikhuluma ngesinye isikhathi, ngenza isisho ukuthi umuthi awuphulukisanga kanjani, umuthi uwusizo kuphela emvelweni. Ngenkathi ngibuzwa imibuzo kwaMayo, yilokho abangitshela khona. Sika isandla sakho, umuthi awusiphulukisi isandla sakho, ufaka umuthi kuso ukusigcina sihlanzekile ngenkathi uNkulunkulu esiphulukisa. UNkulunkulu wakha isicubu, umuthi awusakhi isicubu.

101 Uma ngephuke ingalo yami, ngase ngithi, "Dokotela, ungumphulukisi, phulukisa ingalo yami."

Ubeyothi, "Mnu. Branham, udinga ukuphulukiswa kwengqondo."

102 Kunjalo. Udokotela angahlela ingalo yami, yilokho akwenzayo, uyayitadisha ukuthi ihlanganiswa kanjani, kodwa uNkulunkulu uzofanele ayiphulukise. Kunjalo. Ngoba Unikeza ikhalisiyamu nokuphila okuhlanganisa lelothambo ndawonye, uNkulunkulu uyaliphulukisa. Ngakho, amaHubo 103:3 athi, "NgiyiNkosi, ephulukisa zonke izifo zakho." Lokho kuqinisile. NguNkulunkulu. UNkulunkulu uphulukisa konke. . .

103 Awukaze ubekhona umuthi ophulukisayo. Noma yimuphi umuthi uphulukisa ukusikeka esandleni sami uzophulukisa ukusikeka ebhantshini lami, njengoba bengihlale ngisho.

Wena uthi, "Umuthi awenzelwanga ibhantshi lakho, wenzelwa isandla sakho."

104 Mangisike isandla sami, ngife khona lapha ngaleyonkathi, uthunga isandla sami, bese ungehlisela emakhazeni, futhi—futhi ugqumise umzimba wami ngoketshezi ukuba ubukeke ungokwemvelo iminyaka engamashumi amahlanu, futhi unginike umjovo kazifo zonke nsuku zonke, bese ufaka umuthi wokugcoba kuwo, futhi eminyakeni engamashumi amahlanu kusukela manje uma mina, umzimba wami wawulokhu ulapho, ukusikeka bekuyoba lapho, futhi. Akuwuphulukisi ngani umzimba wami na?

Wena uthi, "Ukuphila kuphumile kuwo."

105 Manje-ke yikuphi okuphulukisayo, umuthi noma ukuphila na? Ukuphila. Ngitshele ukuthi kuyini ukuphila, futhi Ngizokutshela ukuthi uNkulunkulu ungubani. UNkulunkulu ungukuPhila, ukuPhila okuPhakade ukusiza lokhu kuphila.

Omunye wathi-ke, "Kuthiwani ngomjovo kazifo zonke na? Dubula umjovo kazifo zonke kuwe."

106 Ngathi, "Awu, ipenisilini ifana noshevu wamagundwane nje. Unendlu egcwele amagundane edla izimbobo endlini, ubeka ngaphandle ushevu othize wamagundwane, ubulala amagundane, awuzipheshi izimbobo. Umjovo kazifo zonke ubulala igciwane, kodwa uNkulunkulu uzofanele aphulukise amangqamuzana okuphila okulinyazwe yikho, ngakho uNkulunkulu unguMphulukisi." Kuqinisile.

107 Eminye imithi izosebenza kwabanye abantu, lapho izobulala khona olandelayo, ungeke waqiniseka kakhulu ngakho. Kodwa ngifuna ukusho into eyodwa: Ibhalisamu likaNkulunkulu lesono liphulukisa wonke umuntu, "noma ubani othandayo." Kukhona, noma ngabe unjalo, ukuthi umvelo-ni, noma akunandaba ukuthi ubani, ibhalisamu likaNkulunkulu liyikhambi lesono, ikhambi eliphindwe kabili. Ngiyalithanda leloculo elidala esasivame ukulisho, "Kube ngelesono ikhambi eliphindwe kabili." Ngiyakuthanda lokho.

108 Manje, ibhalisamu likaNkulunkulu, akukho... akudingekile ukuba ukhathazeke ngalokho, lokho kuzozinakekela. Bengihlala njalo ngizibuza, futhi nginabangani abaningi abangodokotela abakahle, futhi batadisha amaphephabhuku ezokwelapha, kanjalonjalo, futhi ngezinye izikhathi ngithola eyodwa ukuba ngitadishe; ngiyathanda ukucabanga ukuthi uNkulunkulu wenza kanjani emsebenzini wezokwelapha.

109 Niyazi ukuthi bawuthola kanjani umuthi na? Awu, isayense ihlanganisa amakhemikhali ehlukene ndawonye, iyakuzama, futhi emva kwesikhashana bathola ifomula okuyindlela yokwenza, naleyofomula okuyindlela yokwenza, ba—bayidubula esilwaneni okuhlolelwa kuso umuthi, isilwane okuhlolelwa kuso umuthi siyasinda kukho, bazama wena, ake sibone ukuthi kusebenza kanjani kuwe. Bakuzama esilwaneni okuhlolelwa kuso umuthi, futhi uma kusebenza isilwane okuhlolelwa kuso imithi kahle, khona-ke bayokuzama kumuntu. Ngakho-ke bonke abantu abafani nezilwaneni okuhlolelwa kuzo umuthi, ngakho-ke ubulala abanye, wenze abanye baphile.

110 Ngikuzwile kushiwo lokho, kwiphephabhuku, ukuthi—ukuthi inkathazo yenhliziyo yayingumbulali ohamba phambili esizweni. Kungesikho ukwehluka, kodwa, kungesikho ukuphikisana nalawomadoda athembekile, kodwa bengingasho lokhu: ngehluka kangaka, inkathazo yenhliziyo ayisuye umbulali ohamba phambili, umbulali wesono ungumbulali

ohamba phambili, isono. Yilokho okubulala umphefumulo nomzimba. Isono, umbulali ohamba phambili.

111 Futhi nisizwile isisho esidala, "Angikwazi nje ukuyeka ukona, akekho ongakuyeka. Ngifanele nje ngibheme. Ngifanele nje ngithathe isiphuzo manje nangaleyonkathi. Ngifanele ngenze lezizinto." Niyazi ukuthi kungani kunjalo na? Ngoba abalithathi ikhambi likaNkulunkulu, umnokoloto waKhe kukho. UNkulunkulu unebhalisamu elizokunokolota. Kunjalo.

112 Bayakwesaba. Bayesaba ukuthi bazokwenza into ethize engejwayelekile, besaba ukuthi bazophuma enqubweni evamile, besaba ukuthi ibandla ngeke livumelane nabakwenzayo, besaba ukuthi omakhelwane babo ngeke bavume. Yini oyikhathalelayo ngomakhelwane wakho, inqobo nje uma uNkulunkulu evuma na? Inqobo nje uma isehlakalo sakho sivumelana neZwi likaNkulunkulu, kuthiwani ngakho na? Hlala nalokho.

113 O, ngukuzalwa okusha, bayakwesaba lokho. Ukuzalwa okusha kufana nanoma yikuphi okunye ukuzala, kungamahlaphahlapha. Angikhathali ukuthi hlobo luni lokuzala okuyikho, kungamahlaphahlapha. Uma kusehhokweni lezingulube, noma uma kusesibuyeni, noma kweliphinki, igumbi lasesibhedlela elihlotshisiwe, kungamahlaphahlapha. Futhi kanjalo nokuzalwa okusha kungamahlaphahlapha, kuyokwenza wenze izinto obungacabangi ukuthi uyoke uzenze, kodwa kulawo mahlaphahlapha kuvela ukuPhila. Haleluya! Yilokho-ke. Emahlaphahlapheni kuvela ukuPhila. Ukuphila kuvela emahlaphahlapheni.

114 Ukuphila kuphuma ekufeni, "Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini futhi ife, ihlala yodwa." Kodwa inqobo nje uma ifa futhi ibole khona-ke kuleyomfucumfucu ebolile kuvela ukuphila. Kuze kuthi owesilisa noma owesifazane uselungele ukufa kubo uqobo, bafe nya ezivumwenikholo zabo, bafe nya emibonweni engeyabo uqobo, futhi kuleyomfucumfucu ebolile kuveza ukuzalwa okusha kwezinkazimulo, nokumemeza, nezindumiso zikaNkulunkulu okumenza aziphathe ngokwehlukile, kuguqule imvelo yakhe, kuguqule impilo yakhe, kuguqule izinjongo zakhe, futhi kuguqule izimpokophelo zakhe.

115 Kodwa bayakwesaba, besaba ukuthi kuzobenza bakhale futhi bone ukuzilungisa kobuso babo, abesifazane; besaba ukuthi kuzokonakalisa isifiso sokubhema isigazu sendoda. Niyabo? Bayakwesaba. Abakufuni, besaba ukuthi omunye umuntu uzobabiza ngomgingqiki ongcwele noma—noma uhlanya. "Uma bebiza iNkosi yendlu ngoBelzabule, bayobabiza kakhulu kangakanani ababafundi baKhe na?" Impela.

116 Uma bengangibizanga ngalokho, bengiyokwehla futhi ngikhuleke, futhi ngithi, "Nkosi, yini indaba ngami na?" Izwe liyabazi abalo, kepha nina nithengwe ngenani, "Ningabantu

abehlukile, abantu abangcwele, ubupristi bobukhosi, isizwe esingcwele," ninguMbuso.

117 Esikhathini esithile esedlule ngangihamba, umkami siya esitolo segrosa futhi sathola isimanga, sasingakubonanga isikhathi eside kakhulu, ngiyaxolisa, bodadewethu, kwakukhona inenekazi eligqoke ilokwe. Sasingakubonanga isikhathi eside kakhulu. Ngathi, "Wazini na? Mina, ukuba benginekhamera, bengiyomthatha isithombe. Bengifanele ngihambe ngimxhawule."

Futhi wathi, "Billy, kukhona engifuna ukukubuza khona, labo besifazane, abanye babo bacula emakhwayeni, baya emabandleni, futhi bathi kulungile."

118 Ngathi, "Kodwa iBhayibheli lasho ukuthi owesifazane oyogqoka ingubo, engeyowesilisa, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu." Khona impela Akusho.

Wathi, "Awu, kungani senza lokho futhi siyakukholwa lokho, thina maPentecostal na?"

Ngathi, "Ngoba asisibo abohlanga lwabo, asikho embusweni wabo, singuMbuso ohlukile."

"O," wathi, "SingamaMelikana, asinjalo na?"

Ngathi, "Qhabo." Ngathi, "Sihlala eMelika, yiqiniso lelo, kodwa sizaliwe."

119 Ngenkathi ngiyongena eFinland, bonke abafowethu bezokwehla, bathathe indlu yokugeza ngesitimu, okunye ukugeza kwabaseFinland. Ngazizwa ngithi ukuxaka, angikwenzanga. UDkt. Manninen wathi, "Woza, Mfowethu Branham." Kwakungekho-nsipho ngalesosikhathi, khona impela emva kwempi.

Wathi, ngathi, "Ngiyabonga. A—angikholwa ukuthi ngifuna ukukwenza, angazi ukuthi kungani." UMfowethu Jack ehleka, ngoba wayelapho.

120 Awu, abazalwane bonke benyukela lapho futhi bangena egumbini, futhi angazi ukuthi kungani ngangingafuni, kodwa nje ngahlala phandle lapho. Nakhu kuza omncane, owesifazane onezinwele ezimhloshana ehambisana nesixheke esikhulu samathawula, ehamba ngqo kulelogumbi lapho lawomadoda ayekhumule khona. Ngathi, "Hheyi, hheyi, hheyi! Yima!"

121 Waqalaza futhi wangivayizelisa, futhi wahamba wangena. Nakhu kufika cishe ishumi nambili ngaphezulu, bethatha lawomadoda laphaya futhi bewageza. Emva kokuba sekuphelile, ngathi, "Dkt. Manninen, lokho akulungile."

Wathi, "Akungaphezu kokuba abahlengikazi benu baseMelika benza. Baqeqeshwe kusukela ebuntwaneni ukuba babe ngabesifazane abakhuhlayo."

Ngathi, "Noma kunjalo, akulungile." Akulungile, uNkulunkulu wembathisa abantu izingubo, futhi wabehlukanisa kulokho. Akulungile.

122 Singena eJalimane, sithola abantu abanomoya waseJalimane; eFinland, sithola abantu abanomoya wabaseFinland. Okwangimangaza eSant'Angelo eRoma, njengoba kuphansi kanjalo, kwakukhona isayini kwabesifazane baseMelika ukuthi "Ngicela nigqoke izingubo ukuhlonipha abafileyo."

123 Kwakuvame ukuba yiFransi ehola izimfashini, siyakwenza manje. Beza ngapha ukuthola ukuthi laba besifazane bagqoka kanjani, bangaphambili le kwabo. O, kuyihlazo! Kuyihlazo. Akusikho ngoba iZwi belingakashunyayelwa. UNkulunkulu unomuntu othize ongeke axegise ngesono. Nampo odokotela, futhi nanto ibhalisamu. Wemukela uMoya oNgcwele, uyogqoka ngokwehlukile, uyoziphatha ngokwehlukile, uyokwehluka, uyophila ngokwehlukile. Ngoba wala ikhambi, yilokho kuphela, wala ikhambi, wesaba ukuZalwa okusha.

124 Unkosikazi wathi, "Awu, hlobo luni loMbuso esingowawo na?"

125 Ngathi, "Yilowo nalowo ekubuseni kwakhe uqobo, embusweni wakhe, wenza ngaleyondlela, abantu phandle lapho, amaJalimane aziphathisa okwamaJalimane, abaseSwitzerland baziphathisa okwabaseSwitzerland, umFulentshi uziphathisa okomFulentshi, namaMelika aziphathisa okwamaMelika."

"Awu," wathi, "asisibo abaseMelika na?"

126 Ngathi, "Kungenzeka, yebo, sihlala lapha, kodwa lapho sazalwa Phezulu, sinomoya ovela endaweni eNgcwele, lapho abantu bengcwele noNkulunkulu oNgcwele, uMsindisi oNgcwele, futhi nina ningubupristi bobukhosi, abantu abangcwele, uthengwe ngenani, uqinisekile, u—ungowezizwe."

Ngifisa sengathi bengingacula leliculo elidala:

> Singabahambi futhi siyizihambi lapha,
> Sifuna uMuzi ozayo,
> Isikebhe sokuPhila masinya siyeza,
> Ukubutha amaGugu aye eKhaya.

127 O, ngiyakuthanda lokho. Abahambi! U-Abrahama, no-Isaka, uJakobe wayefuna uMuzi ozayo, bevuma ukuthi babeyizihambi nabafokazi, kodwa babebheke uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu, babenambithe okwaseZulwini. Futhi umuntu ozelwe nguMoya oNgcwele akaseyena owalelizwe, ufuna uMuzi noMbuso lapho ubungcwele bubusa khona, lapho uNkulunkulu ehlala khona. Efuna uMuzi ozayo.

128 Ukwesaba ukuzalwa okusha, kuphela kukwenza umuntu ohlukile. Futhi uma ungesuye umuntu ohlukile, khona-ke awuphendukile. Ungahle uphendulelwe ehlelweni, ungahle

uphendulelwe esimweni sendawo esehlukile noma okuthize, kodwa lapho usuphendukele kuNkulunkulu, khona-ke uphila ngobungcwele. Ngiyakholelwa ebungcweleni. Ngingafakazisa kini ngeBhayibheli ukuthi angikhathali ukuthi nenzani, ungeke wanikela kuNkulunkulu isipho ngezandla ezingengcwele, Angeke asemukele.

129 Iziphiwo eTestamenteni eLidala zazifanele zingcweliswe e-altare, umpristi, ngaphambi kokuba angene ukuba anikele ngaso, wayefanele agcotshwe futhi angcweliswe, kungenjalo isipho sanqatshwa. UNkulunkulu angeke asemukele isipho ngezandla ezingengcwele. Kunjalo. Kufanele kufike ngezandla ezingcwele, kungenjalo angeke Akwemukele.

130 Ukwesaba ukuzalwa okusha. Kwenziwa yini na? Ngoba kuthi ukuba ngamahlaphahlapha kubo, kodwa kuveza ukuPhila okusha, ngijabula kakhulu.

131 Niyazi kwakukhona isikhathi lapho kwakungekho-buthi emhlabeni wopokisi. Abaningi babulawa upokisi, ngoba kwakungekho-buthi. Uklilo, akukho-buthi, kodwa manje ungathola ukunokolotwa kulokho. Lapho isifo esiwubhubhane siqubuka edolobheni, ngokushesha, uyehla bese uthola ukugomela upokisi, noma umjovo woklilo, banobuthi. Ngiyabonga ngalokho, ngiyajabula ngalokho, ngiyajabula ukuthi sikutholile. Nomgomo iSalk wabantwana abancane, ngibonga iNkosi ngalokho. Khulekela ukuthi Izosinika okuningi nokuningi.

132 Ngikholwa ukuthi uma nje sifudumala kuNkulunkulu, kunezinto lapha zethu, senziwa ngomhlaba, niyazi. Uma nje sifudumala kuYe, futhi sikhuleke kuYe, futhi siyeke ububi bethu nezinto, zonke lezizinto ziyotholakala. Kunjalo. Kodwa kini enikholwayo, Unekhambi ngaphambili le kwalokho. Impela, Unalo. Manje, konke sekwenziwe, kukulungele.

133 Kwakukhona isikhathi lapho ubuthi, babungekho, futhi abantu abaningi babulawa yizifo, kodwa manje unganokolotwa. Kwakukhona isikhathi lapho ibhalisamu likaNkulunkulu lalingaphelele, ngoba lalidonswe emithanjeni yezilwane, futhi lasibekela isono kuphela, alizange lahlukanise naso. Kodwa akukho-zaba manje, uNkulunkulu, ngolunye usuku, wenza ubuthi.

134 Ngizosho okuthize, Akazange akuzame ngisho nasesilwaneni okuhlolwa ngaso imithi, Wakunika iNdodana yaKhe. WaYinokolota eJordani ngenkathi uMoya oNgcwele wehlela phezu kwaYo. Wonke umuntu, onke amehlo ayeYibhekile lapho Iphila, Yaphila impilo kaNkulunkulu, Yayibukeka njengoNkulunkulu, Yenza njengoNkulunkulu, Yaphila njengoNkulunkulu, Yakhuleka njengoNkulunkulu, Yaphulukisa njengoNkulunkulu, Yavusa abafileyo njengoNkulunkulu, YayinguNkulunkulu. UNkulunkulu

wayenjalo, Yayi—Yayinokolotiwe ezintweni zezwe, futhi baYibhekisisa.

135 Ngehora lokufa kwaYo, umnokoloto wabamba. Ngenkathi bazi ukuthi WayeyilowomProfethi, nesosha elingumRoma lamboza ikhanda laKhe ngendwangu, lase livala amehlo aKhe, lase lithatha induku laMshaya ekhanda, lase lithi, "Manje, uma ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani okushayile, futhi sizokukholwa," umnokoloto wabambelela.

136 Akamnaki udeveli. "Ngenza lokho uBaba aNgibonisa khona. Ngenza kuphela lokho uBaba aNgibonisa ukuba ngikwenze." Kwafakazisa ukuthi umnokoloto wabamba.

137 Ngenkathi, khona-ke, bafinyelela ngale futhi bathatha ubuso baKhe, base behluthula intshebe egcwele izandla, bakhokha isikhwehlela esikhulu esidakiwe futhi basifaka ebusweni baKhe, umnokoloto wabamba.

138 Ngenkathi abantwana baKhe uQobo bekhalela iGazi laKhe, umnokoloto wabambelela. Wathini na? "Baba, bathethelele, abakwazi abakwenzayo."

139 Ngenkathi Ethukwa, Akabuyiselanga emuva, umnokoloto wabambelela. Sonke isihogo sasibuka ukubona ukuthi lokho kwakuzobambelela yini. Wayenzela wena nami indlela, enza isibonelo.

140 Ngenkathi Efa esiphambanweni, umnokoloto wabambelela, futhi ekuseni ngePhasika, haleluya, kwafakazisa ukuthi kwakunjalo. Umnokoloto, ukufa kwakungenakuwubamba. Ukuphila nokufa ngeke kwabakhona endaweni efanayo. Wavuka ngosuku lwesithathu, umnokoloto wabamba. Lapho Enyukela Phezulu, abantu baqala ukulangazelela, babefuna umnokoloto, ngokuba lapho, ekugcineni, kwakukade kukhona umjovo othakwe nohluzi, kwakukade kukhona umjovo othakwe nohluzi onikezwe nguNkulunkulu owawuzovusa abafileyo ethuneni, futhi babefuna umnokoloto.

141 Ngenkathi ngiqala ukuzwa ngakho, ngangiwufuna, nami. Ngijabula kakhulu ukuthi sisenenqwaba yawo, umnokoloto esonweni. Futhi lapho konke. . .Kwakukhona ikhulu namashumi amabili aba yiziguli khona lapho, ngokuba babonile ukuthi kwakuyobambelela ekulingweni, "Bengingakhuluma noBaba waMi, futhi masinyane UbeyoNgithumelela olegiyona abangamashumi amabili beziNgelosi." Wayengakwenza.

142 Kodwa niyazi njengoba ngashumayela lapha kini ngesinye isikhathi, *IWundlu NeJuba*, Uyakukhumbula. Ijuba kuphela line. . .lalihola iwundlu, iwundlu alikwazi ukuzihola, ijuba lalihola. Newundlu linento eyodwa, lokho nguboya, kodwa lilahlekelwa yilokho, ngamabomu, into kuphela Anayo.

143 Abantu bathi, izikhathi eziningi abesifazane bathi kimi, "Mfowethu Branham, leyo yi—leyo yinhlanhla yami yaseMelika uma ngifuna ukugqoka ngendlela engifuna ukugqoka ngayo."

Kunjalo.

Amadoda athi, "Uma ngifuna ukuthatha isiphuzo sokuzijabulisa, bayasithengisa phandle lapho, akukho-mthetho omelene nakho, leyo yinhlanhla yami yaseMelika."

144 Kunjalo, kodwa njengomKristu uyolahlekelwa amalungelo akho aseMelika uma uyiwundlu; uma uyimbuzi, ungeke. Kodwa uma uyiwundlu uyolahlekelwa amalungelo akho, ngoba ungowomunye uMbuso, iJuba liyakuhola.

145 Bayibonile ibanjwa ngehora lokulingwa, kwabambelela ehoreni lokufa, futhi ngenkathi Esethuneni izinsuku ezintathu nobusuku, umnokoloto wabambelela. Ngokusa kwePhasika iNgelosi yagingqa yasusa itshe, futhi iNdodana kaNkulunkulu yavuka futhi, futhi Yenyukela Phezulu. Yathi, "Manje, uma nonke nifuna ukunokolotwa, yenyukelani lapho futhi nilinde emzini waseJerusalema, Ngizothumela umjovo othakwe nohluzi ubuya ngqo uvela kweKomkhulu."

146 O, ngijabula kakhulu! O, lowomnokoloto omkhulu, ubunganikela ngani ngawo, bekusehhovisi likadokotela kulobubusuku, uma wehla, futhi uthi, "Dokotela, nginike lomjovo, futhi emva kokuba sengiphile impilo ejwayelekile futhi ngife, nakho konke lokho, into yokuqala niyazi ngokunye ukusa, ngizovuka futhi ngibuyele ekuPhileni okusha, futhi ngingaphinde ngife kulokho. Nginike umjovo, Dok"? Ubungeke yini ubize imali na? Kodwa umahhala kulobubusuku, awudingi ukuwuthenga, usuvele ukhokhelwe. Kukhona ibhalisamu kwaGileyadi. O! Ngiyaxolisa, ngiyasangana lapho ngicabanga ngakho.

147 Lababantu, lapho sebenokolotiwe, benza ngokuxakile. Ngokwejwayelekile, bayakwenza lapho kwenzeka okuthile okubonakalayo. Kubenza babe ngabaxakile lapho bethatha lo mjovo. Into exakile yakho kwakungukuthi bonke babedakiwe, kubukeka kanjalo, noma, babecabanga ukuthi babedakiwe. Babesina futhi beziphathisa okwesigejane sabantu abadakiwe, naba—nabantu owayenganokolotiwe bathi, "Lababantu bagcwele iwayini elisha."

148 Madoda nabesifazane, lalela mngani wami oyiKatolika, intombi uMariya yayiphakathi lapho, futhi uma intombi uMariya, u—unina weNkosi yethu noMsindisi uJesu Kristu wadingeka enyukele ePhentekoste futhi agcwale kakhulu umnokoloto kaMoya kaNkulunkulu, waze waziphathisa okowesifazane odakiwe, uzongena kanjani, noma yini engaphansi kwalokho na? Cabangisisani nje lokho. Uzokwenza kanjani na? Akunandaba ukuthi ungowaliphi ibandla. WayengoweBandla eliNgcwele, naye, kodwa wayefanele athole

ukunokolotwa, yilokho kuphela okwakungavuka, kwakufanele kungene ukuPhila, waba ngonokolotiwe.

149 Manje, ngenkathi bethola lomnokoloto, baphumela ezitaladini futhi baqala uku—ukwenza ngokuxakile ngempela, besina, bedazuluka, begijima bezungeza. Abantu akungabazeki bahleka, futhi bathi, "Babukeka sengathi banesithuthwane." Kodwa babephawuliwe.

150 Ngiyakhumbula ngenkathi ngivamise ukugibela enkanjini. Phandle eColorado, sasinezinkomo, iHereford Association yadlisa eTroublesome River Valley. Njalo ngentwasahlobo sasifanele silethe, sishaye uphawu lamankonyane. Futhi ngenkathi siyoshaya uphawu lawomankonyane, ngezinye izikhathi ayethola ukuba inkomazi engusayizi omuhle ngaphambili, ngonyaka, ngaphambi kokuba ishaywe uphawu, mhlawumbe.

151 Ngifanele ngiyiphose phansi, ngithathe lensimbi eshisayo yophawu bese inamathela kuyo, uboya babuasha, futhi o, he, ngenkathi eyidedela, yayinesithuthwane esigijimayo, kodwa mfowethu, yayingeyakho, yabekwa uphawu. Kwayilimaza kancanyana, kodwa sasazi ukuthi yayingeyakuphi emva kwalokho. Kungahle kulimaze ukuziqhenya kwakho, futhi kushise kususe uboya bakho obuncane bobufundisi, kodwa uzokwazi ukuthi ungowakuphi kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke.

152 Umnokoloto, impela. Babenokolotiwe, babenza okuthize, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi. Lawomadoda athi, "Manje, kusho ukuthini konke lokhu na? Awu, siyabezwa labobantu, bonke bangabaseGalile, futhi kungani sibezwa bekhuluma ngolimi lwethu, esazalwa kulo na? Lokho kufanele kube yimisebenzi emangalisayo kaNkulunkulu."

153 Kwase kuthi-ke kwakukhona umfo omncane owama phezu kwesiqu lapho, futhi uqala ukushumayela kubo. Babenenqwaba ye. . .Bathi, "Singawuthola lomnokoloto na? Singathanda ukuba nalokhu. Yini esingayenza ukuba—ukuba sinokolotwe na?"

154 Manje, umjovo othakwe nohluzi omusha wawusanda kuthululwa, ngakho babenenqwaba yebhalisamu, futhi babenodokotela lapho, igama lakhe kwakunguDkt. Simon Petru. Lokho bekufanele kwenze abanye benu befundisi basesontweni nizizwe nikahle ngempela. UDkt. Simon Petru, wakhulumela umjovo othakwe nohluzi.

Bathi, "Singenzenjani ukuze sinokolotwe na?"

155 Wathi, "Ngizonibhalela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo." Wathi, "Phendukani yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyonokolotwa." Kunjalo. Wathi, "Ngaphandle kwakho konke lokho, ngizokwenza lesi i—isithako somuthi

nokusetshenziswa kwawo sempilo ende, lesi sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo angeke siphinde sithikamezwe. Makungabikho-muntu omunye ozama ukubhala okufana naso. Gcinani lesi sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, ngoba ngesenu, nesabantwana benu, nesabo okude, ngisho bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esifanayo silungile kubo, lowo ngumnokoloto.

156 Uma udokotela ehamba futhi abhale isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, udokotela okahle ngempela, uyazi nje ukuthi zingakanani izinto ezithize okufanele zifakwe lapho. Omunye ufanele acasule omunye, uma kungakwenzi, uma uzofaka okunye futhi, noma wenezele okuthize kuso, noma ususa okuthile kuso, uzobulala isiguli sakho. Omunye usokhemisi onguwaka wengeza okuthize kuso, noma asuse okuthize kuso, angahle abulale isiguli.

157 Yileyo indaba ngomnyakazo webandla lethu namhlanje, isizathu sokuba sibe namaningi kangaka amadala, amabandla afile, bazamile ukuthikameza lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu. Kukhona ibhalisamu kwaGileyadi, futhi kukhona iNyanga lapho. Ungasithikamezi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo.

158 "Xhawula omunye umuntu futhi ubangenise enhlanganyelweni," lokho akuthathi ukuphenduka. Qhabo, mnumzane. "Fafaza omunye ngesifafazi sikasawoti esigcwele amanzi," akuthathi indawo yombhaphathizo wamanzi. Yeka ukuthikameza ngesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo! Kukhona ibhalisamu kwaGileyadi, futhi kukhona iNyanga lapho.

159 Manje, yini oindele kuyo na? Kungani uzosenqaba isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo na? UDokotela ulapha, uMoya oNgcwele, WayenguYe Owabhala isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Basisebenzisa sonke kudabule eTestamenteni, kwehle njalo iminyaka engamakhulu amathathu noma ngaphezulu, kuze kuyofika eMkhandlwini waseNayisiya. Base-ke beqala ukufaka amadoda kukho, futhi baqala ukugxambukela *lapha*, futhi bafafaze, futhi bathele, nazo zonke ezinye izinhlobo zezimo nezinto. Kodwa sibuyele esithakweni somuthi nokusetshenziswa kwawo sasekuqaleni! *Naso* isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Isizathu abantu bagcwele kangaka isono, abasithathi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu. Bajoyina ibandla esikhundleni sokuzalwa kuLo. Uzame ukuthatha enye into ngaphandle kweZenzo 2:38, leso yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu.

"Alikho ibhalisamu kwaGileyadi na? Ayikho inyanga lapho na?"

Yebo, likhona ibhalisamu kwaGileyadi. Yebo, kukhona izinyanga lapho, inqwaba yazo. Impela. Nginitshela iqiniso ngakho.

160 "Pho kungani indodakazi yabantu baMi," indodakazi, ibandla elincane ngalolusuku, i—isiprofetho siya kulesisikhathi, "kungani pho indodakazi yabantu baMi-ke, indodakazi yabantu baMi," okwakusemuva ekuqaleni, abasebenzisa lesi sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esifanayo, "kungani indodakazi yabantu baMi isagula na? Kungani na? Akekho umuntu ongakutshela iqiniso na?"

Impela.

"Alikho yini ibhalisamu lapho, kusenguMoya oNgcwele na?"

Kunamakhulu ahlezi khona lapha kulobubusuku angafakazisa ukuthi uMoya oNgcwele uqinisile. Impela, ukhona.

161 Manje-ke, mfowethu, uma ungakanokolotelwa esonweni okwamanje, thatha isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu, futhi kukhona ibhalisamu kwaGileyadi, futhi kukhona iNyanga lapho, kunethangwe lamanzi esitezi esiphansi, ne-altare lapha.

Asikhothamise amakhanda ethu.

162 Nkosi, UbunguNkulunkulu wasendulo, UnguNkulunkulu futhi awuguquki, uma Uke wabhala isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, Wena Nyanga enkulu, singeke saguqulwa. Siyasikhumbula isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo Owasibhalayo, sathi:

> *Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.*
>
> *Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa;. . . ongakholwayo uyakulahlwa.*
>
> *Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni;. . . bakhulume ngezilimi ezintsha;*
>
> *. . .phathe izinyoka;* noma *baphuze. . .okubulalayo, a*kuyi*kuba*limaza*;* uma *be. . .beka izandla* zabo *phezu kwabagulayo,. . .bayakusinda.*

163 AmaZwi aKho okugcina eBandleni laKho. Masinyane emva kwalokho, Wakhuluma ngomphostoli uPetru, esimweni sikaMoya oNgcwele ngenkathi Usanda kuthululwa nje kuqala. Ngimbize ngodokotela kulobubusuku, Nkosi, ukwenza nje i—iphuzu, bekunguMoya oNgcwele, ukuphefumulelwa, ulwazi ukuthi uMoya oNgcwele wawubhale ifomula okuyindlela yokwenza, futhi siyaKubonga ngalokhu.

164 Kunabantu lapha, futhi mhlampe, ezethamelini zethu ongakaze amukele lefomula okuyindlela yokwenza. Bangahle babe ngabebandla, noma okuthize, kodwa mayelana nokwemukela uMoya oNgcwele nokunokolotwa, uMoya phakathi lapho okhipha imvelo yabo endala, ufake imvelo entsha phakathi, abakaze bakwenze lokho namanje. Ngikhuleka kuWe, Baba, ukuthi kulobubusuku, ukuthi bazoKwemukela, ukuthi izoni zizoza kuWe, futhi bazoKwemukela njengoMsindisi wabo siqu, bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Siphe, Nkosi, ukuthi labo abangena emanzini, akukho namunye wabo ozongena emanzini kulobubusuku ngaphandle kokuphuma nombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

165 Kwangathi lobu kungaba ubusuku besikhumbuzo, obuzokhunjulwa isikhathi eside, ngenxa yoBukhona baKho, naWe, uDokotela oMkhulu, lapha ukwenza konke Owakwethembisa: unikeza ukuPhila kulabo abafayo, ukuphulukisa ukugula kulabo odokotela bethu abathandekayo bezokwelapha abangenakubathinta: inhliziyo, umdlavuza, impumputhe, isithulu, izimungulu, abakhubazekile, into ethize Ongakayifaki ezinhliziyweni zabo okwamanje, noma ezingqondweni zabo, ukuthi yini ezosusa lokho, mhlawumbe akusekho lutho olusele ngaphandle kweGazi nje. Kodwa siyazi, Nkosi, ukuthi lowomnokoloto lapho welapha konke. SiyaKubonga ngaKho, Baba. Sikhuleka manje ukuthi Uzothola inkazimulo enkonzweni. Siyakucela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> . . . wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

166 IVangeli eliyifeshini endala alikukolobhi nya nje na? Uzizwe uhlanzekile na? Asikhothamise amakhanda ethu nje, ngenhlonipho yokuzithoba. Manje asilicule kancane namaphansi manje, ngokukhonza ezinhliziyweni zethu kuNkulunkulu.

> Ng'yaMthanda . . . ng'yaMthanda
> Ngoba Wathanda kuqala . . .
> Ne . . . nsindiso
> Emthini waseKalvari.

167 Asilihamishe nje. Ngiyamangala, namakhanda ethu ekhotheme, njengoba umculo ulidlala kamnandi, amantombazane, uma ethanda, kungaba khona ebukhoneni bobuNkulunkulu, isoni esithile ebesingathi, "Ngifuna ukuMthanda, Mfowethu Branham, ngempela ngiyafuna. Bengifuna njalo. Ngifisa sengathi benginesibindi, kulobubusuku, ukuMemukela njengoMsindisi oqondene nami"? Ungaliphakamisa nje ikhanda lakho, noma isandla, njalo,

kuyilapho kungekho-muntu obhekile na? Phezulu le kuvulandi osesitezi, emuva le phakathi lapho, ngikholwa ukuthi ngibona abantu abathile abangamakhaladi emuva phakathi lapho, phezulu le esitezi esiphezulu. Phakamisa isandla sakho manje. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

UNkulunkulu akubusise. Ngiyasibona isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. Lokho ngukuthi . . .

168 "O, Mfowethu Branham, uma nje bengingaqiniseka ukuthi uJesu ulapha! Ngikholwa ukuthi wena ukhulume iqiniso, ngikholwa ukuthi Wakusho lokho, 'Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza.' Usitshela ukuthi, si—sisekupheleni komgwaqo."

Emuva ngapha ephikweni ngakwesokudla sami, phakamisani izandla zenu. Lokho . . . UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Emuva le phakathi lapho. Lokho kuhle.

169 "Ngiyakholwa, Mfowethu Branham, yiqiniso lelo, nokho angikaze ngibe nanoma yini nje ebengingabeka izandla zami kuyo ukuba ngithi kungaphezu kwemvelo. Ngizwe imilayezo emikhulu eBhayibhelini, kodwa angikaze ngiwubone uMoya oNgcwele ufika futhi wenze noma yini. Futhi, ikakhulukazi, ngenkathi ukhuluma kulobubusuku, ukuthi Lowo kwakunguMesiya, futhi Yena ukhombise isibonakaliso sobuMesiya, futhi wena uthe Yena usikhombise lesisizukulwane, futhi Yena wethembisa ukuthi Yena uyokwenza njengoba kwakunjalo nje ezinsukwini ngaphambi kokushiswa komhlaba eSodoma, Ubeyokhombisa lesosibonakaliso esifanayo, Ubeyosebenza enyameni yomuntu futhi enze leyonto efanayo ngaphambi nje kokushiswa komhlaba, uma bengingaMbona, into ethize ebengingabeka izandla zami kuyo ukwazi ukuthi—ukuthi uKristu ukhona lapha, bengiyoMemukela njengoMsindisi oqondene nami."

170 Angabakhona omunye ongakaziphakamisi izandla zabo na? Phakamisani izandla zenu. Angiboni kahle kakhulu kuvulandi osesitezi, phezulu le lapho. Kubonakala sengathi, ya, ngibona izandla, abantu abangamakhaladi. UNkulunkulu anibusise phezulu lapho, yebo. Phansi ezitezi ezimaphansi lapha noma yikuphi, nimi emihumeni emuva lapho, emuva phakathi e, ngokuzungeza emuva emaphikweni ndawondawo, nomaphi. UNkulunkulu akubusise lapha, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, ndoda encane. Busiswa. Kulungile.

171 Baba wethu waseZulwini, manje njengoba isikhathi sesifikile ukuthi ngikhulume ngaWe, ngisho ukuthi UyiNyanga eNkulu futhi Unamandla okunokolota ukwenza izinto, ukuthi Awufile, ukuthi Wafa, ngempela, kodwa Wavuka futhi ngosuku lwesithathu, futhi Uyaphila kuze kube phakade. Futhi Wayala,

noma wayala iBandla laKho ukuba liye ezweni lonke, futhi lishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo okuyokholwa, nalowo owakholwayo wabhaphathizwa, uyakusindiswa. Futhi Wena wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza."

172 Nendlela Ozazise ngayo Wena uqobo kumaJuda nakumaSamariya, manje, Nkosi, ibandla labeZizwe libe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesayense yezenkolo, abakaze bakubone lokho kuze kube yilonyaka. Umprofethi wathi, "Kuyoba ngukuKhanya kusihlwa." Siyazi ukuthi ilanga liyaphuma, ngokomumo womhlaba, empumalanga bese lishona entshonalanga. Ilanga elifanayo eliphuma empumalanga yilanga elifanayo elishona entshonalanga.

173 Umprofethi wathi, "Kuyobakhona usuku olungayikuba yimini lungabi ubusuku, usuku olukhwantabele," ukuKhanya okwenele nje ukujoyina ibandla, nezinto ezimbalwa kanjalo, "kodwa ngesikhathi sokuhlwa, iziNkanyiso zakusihlwa ziyokhanya."

174 Wavuka kubantu basempumalanga kumaJuda, amaSamariya, wakhanyisa lokho kuKhanya phezu kwabo. Manje sibe nakho leminyaka emide eyizinkulungwane ezimbili, usuku lwezimpi ezikhwantabele nezinkathazo, kodwa iziNkanyiso zakusihlwa seziqale ukukhanya, iNdodana kaNkulunkulu efanayo namandla aYo afanayo, ikhombisa izibonakaliso zaYo ezifanayo, njengoba nje ilanga lishona emkhathizweni wasentshonalanga. Ngeke saqhubekela phambili, Nkosi, sisoGwini lwaseNtshonalanga, bekungabuyela empumalanga futhi. Nkosi, sikhanyisele kulobubusuku, sikhombise uBukhona baKho uma kuKuthokozisa.

175 Ngicela ukuthi Uzosipha ukuthi isiThunywa sesiVumelwano esahlangana no-Abrahama lapho ngaphambi kokushiswa kweSodoma, ngenkathi Sifulathele ithende ngomhlane waSo, noMoya owawuphakathi kwaSo, u-Abrahama aSiqonda ukuthi nguNkulunkulu uSomandla, u-El omkhulu, u-Elah, u-Elohim, Okhona ngokwamandla aKhe, wabonakaliswa emzimbeni wenyama odla ithole lenkomazi, udla ibhotela, nobisi, nesinkwa sommbila, wase-ke unyamalala ngqo emehlweni ka-Abrahama, u-Elohim.

176 Ngenkathi Ebonakaliswa enyameni ngokuzalwa yintombi, wethembisa ukuthi ngezinsuku zokugcina lesisibonakaliso siyokwenzeka ngaphambi nje kokubuyela kwaKhe kwabeZizwe. Silapha-ke, Nkosi, Wena gcina iZwi laKho. Ngibatshelile lababantu ukuthi ba, basindiswa ngenkathi uJesu ebafela, baphulukiswa ngenkathi uJesu ebafela, qinisa iZwi laKho. Uma nje Uzokwenza kulobubusuku, Nkosi, abantu bazoqonda ukuthi Wena ulapha.

177 Ubungeke ubaphulukise, ngoba Usuvele ukwenzile, kuhlala kungukukholwa kwabo ukukubonakalisa. Uzoza

yini kulobubusuku, Nkosi, futhi ufakazise uBukhona baKho, uma thina, izinceku zaKho ezithobile, sithole umusa emehlweni aKho na?

178 Uma Ungangigcoba, inceku yaKho, Nkosi, Ubuzofanele ugcobe izethameli zaKho, futhi, ngoba kuzofanele kube ngabo bobabili. Ngokuba siyaqonda ukuthi ngenkathi Ulapha emhlabeni, ngenkathi Uya kubantu baKho uQobo, Wathi, “Imisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza, ngenxa yokungakholwa kwabo.” Kunjalo kulobubusuku.

179 Yizwa, Baba, sizinikela kuWe, futhi ngokuzithoba silindele ukuthi Uzobonakalisa umusa waKho nothando kithi, khonake sizocela izoni ukuba zize ngaphambili ukwemukela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. EGameni likaJesu, siyakucela. Amen.

180 Phambi kukaNkulunkulu, iziNgelosi ezingcwele, ngithi ngizoya phambili ngoMoya ukuphonsela inselele isitha esingabonakali phakathi kwethu, lokho ngukugula, izifo, kungodeveli, njengomdlavuza. *Umdlavuza* yigama lezokwelapha, ngicabanga ukuthi *inkalankala*, niyazi, isilwane sasolwandle, imilenze, kodwa unokuphila. Umdlavuza uyingqamuzana, ingqamuzana lasendle, njengoba ngikuqonda, angisuye udokotela, kodwa ukuphindaphindeka kwamangqamuzana. Kanjalo nawe ungukuphindaphindeka kwamangqamuzana, ukuphila kwakho kufika ngomshado ongcwele, ngentando kaNkulunkulu. Kodwa wavelaphi lomdlavuza na? Ukuthatha impilo yakho. Ungudeveli.

181 UJesu wathi ngenkathi umoya oyisithulu noyisimungulu uphuma kumuntu, umoya oyisithulu noyisimungulu, wayekwazi ukukhuluma. Niyabo? Umoya.

182 Lowo mfowethu bandla angahle ukuba waya kudokotela okahle, futhi wambhekisisa, wathi, “Yebo, mnumzane, ngiyakuthola. Unomuzwa ofile endlebeni yakho, futhi yilokho okukwenza ube yisithulu.”

183 Manje, kungani wayengafile, ekhathazekile yonke indawo na? Niyabo? Kufana namandla angabonwayo emxhakathisa. Into ethize udokotela angasebenzela kuyo, angayibona, ngezandla zakhe—zakhe. Unemizwa emibili asebenza ngayo, yilokho angakubona ngamehlo akhe, lokho angakuzwa ngezandla zakhe. Ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa yimizwa emihlanu yomzimba.

184 Manje, uma ubengakubona, ubengasebenza kukho, kodwa abone lento ebulale lowomuzwa akakwazi ukukubona, njengebhande elikhanya libonakale ngale, noma okuthize. Manje, ngumoya oyisithulu, ususe lokho lapho, imvelo empeleni iyozijikeleza yona uqobo.

185 Njengohlanga lommbila nje, lembali ikhula, uma lubekwe phezu kwegabade, futhi lusontekile, susa nje igabade, luyobuye

lumile kahle. Ufanele ube. . . Ufanele uthole izimbangela ngaphambi kokuba uthole izelapho.

186 Uma uya ehhovisi likadokotela, futhi umtshele, "Ngiyagula esiswini sami," futhi ukunika isidambisa zinhlungu esithize, ukuthumela ekhaya, kuphakathi kokuthi umatasa kakhulu ukuba azilulaze ngawe, noma akanandaba. Udokotela okahle uzokungenisa, kukubiza ngaphezudlwana, kodwa uyokuhlola aze athole imbangela, bese-ke ehamba ukuyosebenza lapho.

187 Manje, hhayi njengodokotela wezokwelapha, kodwa njengenceku kaKristu, ngiyayazi imbangela, yisono. Yini *isono* na?

"Mfowethu Branham, angoni."

188 Ukungakholwa kuyisono. "Ongakholwa uselahliwe vele." Ukungakholwa yisona sono kuphela esikhona. "Ongakholwayo ulahliwe." Wena. . . Ukuqamba amanga, ukweba, ukuphinga, lokho akusiso isono, lokho yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa, kunjalo, izingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. Uma ukholiwe, ubungeke uzenze lezozinto.

189 Manje, uMoya oNgcwele wethembisa ukufika ngezinsuku zokugcina futhi ukhombise ohlangeni lwabeZizwe ukuthi WayenguMesiya, ukuthi kuyoba nguNkulunkulu owayengaphezu kwethu, ebuBabeni; uNkulunkulu enathi, ebuDodaneni; manje uNkulunkulu uMoya oNgcwele kithi, niyakwazi lokho. "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisangibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kokupheleliswa." Kungukuthi, Uyoba lapho kuze kube nini na? Kuze kube sekupheleni, izwe liyaphela, Uyobe esalokhu elapho kuwe, uNkulunkulu ekini.

190 Manje, uma uMoya oNgcwele. . . Lona nguMoya oNgcwele, leNgelosi kaNkulunkulu ukuthi bona, isayense eyathatha isithombe sayo, silenga eWashington, DC, sinelungelo lobunikazi, okuwukuphela kwesiDalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa. Ngithi kini eGameni likaKristu: Ayikho ngamafidi amabili ukusuka lapho engimi khona khona manje. Kunjalo. Kunjalo. Yingalesosizathu ngisho engikushoyo, Ilapha.

191 Akukho-muntu engimbukayo kulesisakhiwo engimaziyo. Yebo, ngiyamazi. Ngiyamazi loMfowethu Ed Daulton, lomfowethu ongumshumayeli oyiBaptisti, ehlezi khona ngapha ovela enhla eKentucky, nalabobafana ababili behlezi ngakuye. Ngaphandle kwalokho angiboni nowodwa umphefumulo engiwaziyo.

192 Bangaki phakathi lapha ogulayo futhi odinga uKristu ngokuphulukiswa kwakho, ngokomzimba, noma othandekayo othize, noma into ethize oyidingayo kuKristu, futhi uyazi ukuthi angikwazi, angazi ukuthi ufunani na? Phakamisa isandla sakho. Yiba nokukholwa, kulungile, yiba nokukholwa nje. Manje-

ke, ekukholweni kwakho, kholwa uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yakho.

193 Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela. Bese kuthi-ke, manje, thatha isikhathi sakho nje, umzuzu nje, ungethuki, khona-ke lapho ukukholwa lokho, futhi uku. . .Ngizocaphuna umBhalo eNcwadini yamaHeberu ngokushesha nje lapho ngenza lesicaphuno.

194 UJesu waseNazaretha, iNkosi yethu noMsindisi wayesendleleni yaKhe ukuvusa encane, intombazane efile yompristi, futhi kwakukhona owesifazane owayenomopho. Wayezame ukuphulukiswa ngezinyanga, futhi zazizame kanzima ukuphulukisa owesifazane, kodwa azikwazanga ukukwenza. Wayenomopho, mhlawumbe ukunqamuka kokuya esikhathini, noma okuthize, kwakunganqamuki, futhi ngiyayibona encane, into ephaphathekile, wathi phakathi kwenhliziyo yakhe, "Uma kuphela ngingathinta ingubo yaleyoNdoda, ngizosinda." Niyayikhumbula indaba.

Futhi wathinta ingubo yaKhe, Wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

NoPetru waMkhuza, ethi, "Wonke umuntu uyaKuthinta. Kungani Usho into enjalo na?"

Wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi," amandla okuqina.

195 Manje, wena uthi, "O, ngiyagula kulobubusuku, Mfowethu Branham. Ukuba uJesu ubelapha, bengiyoMthinta khona manje."

Ubungakwenza na? Impela, ubuyokwenza. Kulungile, ngifuna ukunitshela ukuthi Ulapha. A-hha, kulungile. Niyabo?

Manje, uma U—Ubemi lapha egqoke lesudu Angipha yona, uma ubungakhuphuka, futhi uthi, "Nkosi Jesu, Uzongiphulukisa na?"

Ubeyothi, "SeNgivele ngikwenzile. Uyakholwa na?" Yilapho-ke, "Makube-kinina ngokukholwa kwenu," Washo. Niyabo?

196 Kwase kuvele kufeziwe ngenkathi Efa eKalvari, kodwa Angazenza Yena uqobo abe khona lapha ukukhombisa ukuthi Uyaphila futhi akafile, Wethembisa lokho, leyo yinduduzo yethu. Anijabuli yini kulamahora amnyama, lapho izwe, noma, futhi, akekho owaziyo ukuthi akenzeni, nokho siyazi ukuthi simi kuphi na? Siyazi. Niyabo? Ulapha. SiyaMkholwa, naNgu, nesayense yafakazisa ukuthi Ulapha, ngezithombe zabo, nezinto. IBandla ezigidini emhlabeni jikelele liyawabona amandla aKhe, liwabona esebenza.

197 Futhi kukhona, khumbulani, kukhona into ethize enkulu elungiselela ukwenzeka, akukabi yihora okwamanje, okuthile kuzokwenzeka, futhi nizokwazi ngolunye lwalezizinsuku,

ngaphambi kwesikhathi manje. Ungakuvumeli kube leyithi kakhulu, khumbulani, izikhathi eziningi lezizinto ziyedlula, futhi anikwazi.

198 Ibandla eliKatolika lalingazi ngenkathi beshisa uJoan of Arc ngokuba umthakathikazi ukuthi wayengongcwele; babengamazi uPatrick oNgcwele ngendlela efanayo; babengazi ukuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu waze Wafa, wembelwa, futhi wavuka futhi, bakuqonda ababekwenzile. Ningawuxoshi loMoya oNgcwele, ngokuba ngoluny'usuku niyokuqonda enikwenzile. Niyabo? Ningakuvumeli kube kanjalo.

199 Manje, Ulapha, neBhayibheli lithi uma nifuna ukuMthinta, amaHeberu, noma yimuphi wabefundisi basesontweni ngapha uyakwazi lokhu, iBhayibheli lithi Unguye, khona manje, umPristi oMkhulu ohlezi ngakwesokunene sobukhosi bukaNkulunkulu, ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Ngabe amaHeberu 13:8 athi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, uma uMthintile, Ubeyokwenza ngendlela efanayo. Ngabe kunjalo na? Into efanayo Ayenza ezansi lapho ngenkathi lowo wesifazane eMthinta, Uyokwenza into efanayo, ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza, ngokwalokho Akwenza lapho ngenkathi Ekhuluma no-Abrahama. Niyabo?

200 Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kwangathi uMoya oNgcwele ungafika, ngesiphiwo sobuNkulunkulu. . . Kungekho lutho phakathi kwami, njengalemayikrofoni nje, ithule ngaphandle uma, iyisimungulu esithule ngaphandle kokuthile kwenza umsindo ngapha kwayo. Kanjalo nami ngiyisimungulu esithule, ngaphandle Okuthile okukhuluma ngami; Angikwazi. Mthinte, futhi lapho wenza lokho, wokhela into ethize ethumela uMoya oNgcwele phansi.

201 Uma ngingazikhulula, futhi ngizithobe ukuba ngisuse imicabango engeyami endleleni, ukukholwa kwakho kuNkulunkulu kuzoMphendula, futhi Uzosebenzisa uMoya oNgcwele waKhe kimi ukwenza into efanayo Ayenza kowesifazane owathinta ingubo yaKhe. Awuzukudingeka ube nekhadi lakho lomkhuleko, futhi wenyukele lapha, ngoba awunawo amakhadi omkhuleko, empeleni. Niyabo? Sizowakhipha kusasa. Yiba nokukholwa nje.

202 Manje lalelani, akungaphazamisi muntu, obanga umsindo, kholwani nje, futhi nikhuleke manje umzuzwana, njengoba ngifulathela, sibone uma sisekupheleni komgwaqo.

203 Nkulunkulu, kungokodumo lwaKho nenkazimulo, siyacela. Mninimandla onke noNkulunkulu othembekile wonke, Ogcina iZwi laKho ezizukulwaneni zonke, ongehluleki neze, kodwa ulapho njalo ukuba Uzibonakalise ukuthi uyaphila, ngolunye usuku uza ekhaya uvela ekuvukeni, abaningi abakholwanga

kuWe, futhi kwakukhona oyedwa ogama linguKleyophase, nomngane wakhe wayesendleleni ebheke ezansi e-Emawuse. Futhi ngenkathi behamba naWe usuku lonke, futhi Ukhulumile nabo, nokho abaKuqondanga, Waze wabafaka ekamelweni, wabavalela phakathi.

204 Kunabaningi lapha kulobubusuku, Nkosi, ohambe naWe yonke iminyaka, futhi noma kunjalo abaqondi ukuthi Wabagcina kanjani ezingozini, nezinto ezehlukene eyenzekile, mabaphile ukuba babe lapha kulobubusuku. Futhi sisavalelwe njengoba uKleyophase nomngane wakhe wayenjalo, yenza into ethize njengoba Wenza ngaleyonkathi. Ngenkathi Wenza into ethize njengoba nje Wayenza ngaphambi kokuba Ubethelwe, bazi ukuthi WawunguJesu ofanayo, ngokuba akekho okwenze ngaleyondlela ngaphandle kwaKho. Futhi bagijima ngokushesha, futhi batshela abanye, "Impela iNkosi ivukile."

205 Manje, Baba, yenza kulobubusuku kulezizethameli njengoba Wenza ezinsukwini ngenkathi Ulapha emhlabeni, ngoba kuhambisana nesithembiso saKho ncamashi. Khuluma, O Nkulunkulu, sisazithoba futhi sinikela izimpilo zethu esandleni saKho. Uma Uzokwenza kanye kuphela, Nkosi, kanye futhi, khona-ke abantu lapha bazobuzwa isizathu sokuthi kungani bengasilandelanga isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo seBhayibheli, ngokuba bayabona ukuthi, qiniso, uNkulunkulu usebenza ngeBandla laKhe nangabantu baKhe. Mangicele ngokuzithoba lokhu, owethu onomusa, uMsindisi onothando, eGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

Kulungile, phakamisani amakhanda enu.

206 Ngibuka phansi ngqo ngapha kowesifazane ophakamise ikhanda lakhe ekhuleka. Angimazi, angikaze ngimbone empilweni yami, kodwa khona ngale kulenga lokho kuKhanya, iNsika yoMlilo, futhi ngiyaKubhekisisa lapho Kuhamba. Owesifazane ubengikhulekela ukuba ngijike futhi ngimbize, futhi yena, ehlushwa inkathazo yomtshazo. Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungaphulukiswa.

207 Inenekazi elincane livela, lingahle lazi ukuthi ubani, livela eFort Smith, e-Arkansas. Yima ngezinyawo zakho, nenekazi elincane, netshali elincane emhlane wakho lapho, inkathazo yakho yomtshazo isikushiyile, umongozini ngegama.

208 Manje, ngibamba izandla zami ngesizotha, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, ukwazi. Ngi. . . Awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo na? Ngoba akukho-makhadi omkhuleko. Angikwazi. Ngabe, yiqiniso lelo na? Siyizihambi. Phakamisa isandla sakho, ukuze abantu babone. Angikaze. . . Ngabe yilokho Akutshele khona, ngabe bekuyiqiniso na? Vayizelisa isandla sakho, uma kuyiqiniso.

209 Ngifuna ukubuza izethameli okuthize: Uthinte bani owesifazane na? Uphakamisa izandla zakhe, akakaze angibone,

futhi angikaze ngimbone. Futhi nokho uMoya kaNkulunkulu ulapha ukuba ubuyele kuye, Ofanayo; wayenokukholwa njengowesifazane owathinta umphetho wengubo yaKhe. Akazange angithinte, bukani ukuthi ukude kangakanani nami, uthinte umPristi oMkhulu. Lokho kufakazisa ukuthi Ulapha.

210 Inenekazi elihlezi khona ngemuva lapho ekugcineni, isigqoko esincane esineziphaphe, liyakhuleka, nalo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uphethwe emhlane wakho ngenxa yengozi, ukuphahlazeka. Kunjalo. Ngaphandle kwalokho unesifo samathambo, lokho kuqinisile, izifo ezelakanyanayo. Unothandiweyo omkhulekelayo, indodana, ukwehluleka kwemizwa. Unomyeni omkhulekelayo, ungohlulwa wuphuzo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI UNKULUNKULU.

211 Uyamemukela uJesu Kristu manje na? Uma lezozinto ziyiqiniso, phakamisa isandla sakho, ukuze abantu bezobona. Uma ngingakwazi, futhi ungangazi, vayizelisa izandla zakho. Anginandlela . . . Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? Khona-ke hamba wemukele lokho okucelile, ungakwemukela.

"Uma ukholwa, konke kuyenzeka kokholwayo." Uma ukholwa, ufanele ukholwe kuqala.

212 Ake sibone manje. Niyabo, mina, indlela kuphela engiyoke ngazi ukuthi ngitheni kowesifazane, kuseteyipini. Lowo bekungesimi okhulumayo, lowo bekunguYe, kodwa kukhona Into ethize esalenga ngowesifazane.

213 Uyamangala, o, ngu—nguye, u, u—u—u—umfana, ngokwethuka, qhabo, mina, nakhu, ngumoya omubi obangele umfana ukuba abe nokuquleka, futhi kukulomfo ngapha. Ube nokuquleka nje, naye, ungowaseGeorgia, ungumfundisi. Mfundisi Farrell, ukuquleka kwakho sekuphelile, mnumzane, ukuba nokwethuka kwakho akusekho. UJesu Kristu uyakusindisa.

Manje, kule—kulendoda, angikaze ngiyibone empilweni yami, siyizihambi ngokuphelele komunye nomunye. Ibuze.

Ngabe lezozinto beziyiqiniso, mnumzane na? Vayizelisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Noma ngabe yini Akutshele khona bekuyiqiniso na? Angikwazi. Qhabo, mnumzane.

Manje, Ubani lapha omaziyo na? UKristu, ngabe kunjalo na?

214 Awusho, indoda ehlezi eduze kwakho lapho, futhi ukuze nikholwe, futhi nazi ukuthi ngiyinceku yaKhe, hhayi mina, ukhulekela umkakho, naye ovela eGeorgia. Yima isibindi, kuzolunga.

"Uma ukholwa; uma ungakholwa." Uyakholwa na? "Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

215 Inenekazi elincane elihlezi lapha likhuleka, line—nesimo somgogodla entanyeni, khona ngapha, ungowaseBaton Rouge, Nkk. Hantz, sukuma. Yemukela ukuphulukiswa kwakho.

216 Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami, siyizihambi ngokuphelele. Uma siyizihambi, vayizelisa isandla sakho, Dadewethu, ukuze bazi. Yiba nokukholwa, futhi ukholwe.

217 Nanso leyoNgelosi emi khona emuva lapha. Niyakubona lokho kuKhanya na? Anikuboni Lokho na? Ngowesifazane onenkinga yokomoya. UNkk. Haynes, igama lakhe, Nkk. Haynes, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Uzoba kahle. Uyakwemukela manje na? Angikwazi, angikaze ngikubone.

218 Inenekazi elihlezi eduze kwakho lapho, likhuleka nalo. Liphethwe yizibilini. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani, nenekazi na? Nkk. Jackson, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

219 Ngiphosela inselelo ukukholwa kwakho. Lapha, uma nina bantu phezulu ezethamelini emuva lapho ngemuva ningangizwa, nina bantu abangamakhaladi, phakamisani izandla zenu, phezulu le.

220 Okwesithathu kusukela ekugcineni buqamama lapha, lelonenekazi eliyikhaladi liphethwe yinkathazo yezinso. Lo ohlezi eduze kwalo ehlushwa yinkathazo yezinso, naye. Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Phakamisa izandla zakho uma wemukela ukuphulukiswa kwakho. Kulungile, hamba uye ekhaya, uKristu uyakusindisa.

221 Yiba nokukholwa futhi ukholwe, ungangabazi. UNkulunkulu ulapha. Nina bantu enikulezozihlalo nezinto, angikwazi ukuniphulukisa. Ngi . . . Wena . . . Ngiyazi uk'thini . . . Ngingakutshela ukuthi yini engalungile ngawe uma uzokukholwa, ukugongobala, uvendle emhlane wakho ngqo. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo, ungagudluza isihlalo sakho, futhi uye ekhaya, usinde, uma ukukholwa, kodwa ufanele ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

222 Ubani lo olele lapha ohlakeni na? Leyondoda na? Yebo. Lokho kubangelwa ukuhlinzwa, kwamphuphuthekisa. Lelo yiqiniso. Ukuhlinzwa kwethumba ebuchosheni, kwamkhubaza, kwamenza waba kulesosimo. Angikwazi ukuphulukisa, kodwa uMoya oNgcwele ulapha. Uyakholwa ukuthi iNgelosi yeNkosi iphakathi kwabantu na? UyaYemukela njengoMphulukisi wakho na?

223 Baba wethu waseZulwini, njengoba ngicela lababantu ukuba babeke izandla zabo phezu komunye nomunye futhi bakhuleke, ngicela ukuthi—ukuthi Uzoqinisa iZwi laKho uqhubekekele phambili ukusho lokhu, Wena wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

Ngikhuleka kuWe, Baba, manje nje, ngenkathi uBukhona baKho bobuNkulunkulu bunathi, kwangathi wonke umuntu osebukhoneni bobuNkulunkulu, njengoba ngizizwa ngiphela amandla, kwangathi Wena, Baba, ungabaphulukisa bonke, ubenze bazi ukuthi NguWe. "Ningesabi, YiMina," kusho uMoya oNgcwele, okungukuphela koMthombo wosizo ngesikhathi senkathazo.

224 Wozani, nonke, yemukelani ibhalisamu lakwaGileyadi, ninokolotwe kukho konke ukwesaba nokungabaza, yemukela iNkosi njengoMphulukisi noMsindisi wakho, eGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

225 Ngiyala wonke owesilisa phakathi lapha, nawo wonke owesifazane, umfana, nentombazane eGameni likaJesu Kristu, oBukhona baKhe bulapha, owaziyo ukuthi akekho umuntu ofayo ongenza lezizinto emhlabeni, kuqinisile, kuzofanele ngokoqobo kube nguMoya kaNkulunkulu, futhi ngiyala noma yimuphi umfundisi wasesontweni ukuba aphike ukuthi iBhayibheli alithembisi ukuthi lokhu kuzokwenzeka ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela. Niyabo?

226 NeBhayibheli ligcwalisekile kulobubusuku. UJesu Kristu, Ovukileyo, Lowo enimbiza ngoMuntu wesithathu, nguMuntu ofanayo, ophakathi kwethu manje esebenza enyameni yethu, njengoba Yena, njengoba uNkulunkulu wasebenza enyameni yeNdodana yaKhe uQobo, uJesu Kristu, usebenza enyameni yabantwana abenziwe abantwana, ngoJesu Kristu, njengoba Ethembisa, "Kuseyisikhashana, nongakholwayo angeke esaNgibona, hhayi kuze kube sekupheleni kwezwe, kepha nina niyakuNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, kuze kube sekupheleni kwezwe." Nangu Ekhona kulobubusuku.

227 Ngiyamangala kulobubusuku, eBukhoneni balona ONgcwele omkhulu, bangaki kini abangathanda ukuba nesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sishiwo phezu kwenu na? Ungathanda ukuza futhi uMemukele njengoMsindisi wakho na? Sukuma, futhi uye esitezi esingaphansi kanye nathi, futhi ubhaphathizwe. Ubungakwenza na? Sisacula iculo, uma uthanda, *Ng'yaMthanda*.

228 Angazi noma nizosukuma futhi nenyukele lapha futhi nime, lapho engingakhuleka khona futhi ngibeke izandla phezu kwenu, ukuze nemukele uMoya oNgcwele. Uwemukela kanjaloke uMoya oNgcwele kungokubekwa izandla, iBhayibheli liyakusho lokho. Niyazi ukuthi uKristu ulapha na? Phakamisa isandla sakho. "Yini esivimbelayo na?" UFiliphu wathi kumthenwa, "Yini . . .?" Noma umthenwa wathi kuFiliphu, njalo, "Yini esivimbelayo na? Nanka amanzi."

229 UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa

iSipho sikaMoya oNgcwele," yiLowo ombona esebenza lapha. "Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Landela lokho ngokuyikho, futhi uthole ukuthi kwenzekani; yilokho engikwenzile, futhi yilokho okwenzekayo; kwenze, futhi kuzokwenzeka nawe.

Ng'yathanda . . .

Amakhanda ethu ekhotheme manje.

Ng'ya . . .

230 Moya oNgcwele omkhulu, uBukhona baKho bulapha, ukuphulukisa sonke isakhiwo. Manje kwangathi labo, Nkosi, abangenaWe, ongazi ukuthi loMoya oNgcwele omkhulu usho ukuthini, awazi ngisho nokuthethelelwa kwezono zabo, kwangathi bangeza ngaphambili manje, Nkosi, eGameni likaJesu, ngiyacela.

231 Ungesukume manje futhi uze lapha eBukhoneni na? UNkulunkulu uzokubuza ngoSuku lokwaHlulela, "Ngabonakala eShreveport ngalobobusuku bangoMgqibelo, Ngashumayela iZwi ngomuntu ongafundile, Ngashumayela iZwi laMi, Ngazibonakalisa Mina uqobo ngiphila ukuqinisa iZwi laMi," futhi uyocelwa ukuba unikeze isizathu, "awuLemukelanga ngani na?"

232 UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Woza khona lapha. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Omunye umuntu na? Uma umuntu engakaze abhaphathizwe, nokho, embhaphathizweni wamaKristu, ayikho enye indlela yokwenza eBhayibhelini, akukho ndawo nhlobo! Uma uyisoni, woza ngaphambili, uma uyilunga lebandla, woza ngaphambili.

233 Uma ungakaze ubhaphathizwe ngesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo uPetru asendlala eZenzweni 2:38, ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu neziNgelosi: Kungani nizongingabaza njengomprofethi lapho ngimi lapha futhi nginitshela iqiniso, futhi wazi ukuthi umprofethi uneZwi leNkosi na? Lelo yihhovisi lakhe lobuNkulunkulu. Nginitshela iqiniso. Ngiyacela, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi wonke umuntu ongenambhaphathizo wamanzi, ufafaziwe, kumbe noma ngayiphi indlela, woza futhi ubuyisane noNkulunkulu, ulandele isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi; amasango ehayidese awasoze aLahlula."

Ng'yaMthanda . . .

Sukuma ngezinyawo zakho manje futhi uze, uzokwenza na?

Ng'yathanda . . .

Ningeke na?

Ngoba Wang'thanda kuqala

Futhi wathenga . . .

Wozani manje! Kungani na? Kungani ungezi na? Kungani na?

Uthi, "Ibandla lami likholelwa ekufafazeni. Ibandla lami likholwa ngenye into."

234 Ngiyanibuza, "Kungani na?" ngesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo uNkulunkulu asinikezayo, asikho esinye isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo eBhayibhelini esiphambene nakho. Uma kukhona noma ubani ongangikhombisa isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esiphambene nalokho sensindiso, woza ukwenze. Akukho lapho. Leso yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu. Kungani ungeke na?

235 Ngabe ukhona noma ubani lapha olandele uNkulunkulu ngaloluhlelo na? Phakamisani izandla zenu. Bangaki lapha olandele uNkulunkulu ngaloluhlelo na? Mhlawumbe nonke nikwenzile.

236 Uma ungakakwenzi, khona-ke uzobuzwa ekwaHlulelweni. Khumbulani, uNkulunkulu ofanayo ophezu kwami, uMoya ofanayo ungitshela ukuba ngibuze lokhu, nokwenza lenselelo, uthi kimi manje Uyonibuza ekwaHlulelweni, eningafika ngaphambi kokusa: "Awukwenzanga ngani na?" ISHO KANJE INKOSI.

237 Asisakwazi ukudlala isonto. UNkulunkulu uphakathi kwethu. Niyakuzwa lokho kubabazeka okwesabekayo na? Niyazi ukuthi lokho kuyini na? NguMoya oNgcwele ubiza, uhamba, uzama ukungena. Kanye futhi, ngakho ngizoqiniseka ukuthi akukho-gazi eliyoba phezu kwezandla zami ngoSuku lokwaHlulelwa, khumbula ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu: Woza!

Ng'ya—ng'yaMthanda . . .

[UMfowethu Branham ukhulekela labo abasemgqeni womkhuleko, amaningi amazwi akhe awaqondakali—Umhl.] . . .? . . .

Nkulunkulu, eGameni likaJesu, kwangathi angagcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

EGameni likaJesu Kristu . . .? . . .

EGameni likaJesu Kristu kwangathi anga . . .? . . .

EGameni likaJesu Kristu kwangathi angagcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

EGameni likaJesu Kristu kwangathi angagcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

EGameni likaJesu Kristu . . .? . . .

EGameni likaJesu Kristu . . .? . . .

Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa, banikeze umbhaphathizo kaMoya oNgcwele . . .? . . .

Nkulunkulu uSomandla, isithembiso saKho seZwi laKho, kwangathi singabonakaliswa kulokhu, mfowethu. Kwangathi angemukela uMoya oNgcwele. Siphe khona Nkosi.

Baba Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu . . .? . . . gcwalisa udadewethu ngoMoya waKho.

Kanjalo . . .? . . . mgcwalise ngoMoya oNgcwele . . .? . . . ngibeka izandla zami . . .? . . .

. . . futhi mgcwalise ngoMoya oNgcwele, Nkosi . . .? . . .

EGameni likaJesu Kristu . . .? . . .

Baba Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, siza Nkosi, manje, njengoba ezela umbhaphathizo wakhe, kwangathi angaba nakho kokubili amanzi noMoya . . .? . . .

EGameni likaJesu . . .? . . .

Kanjalo naphezu komfowethu, kwangathi angemukela . . .? . . . wemukela . . .? . . .

Kwangathi umfowethu angamukela uMoya oNgcwele, ukukholwa kwakhe kukuWe kuze ukufa kumthathe ethuneni, eGameni likaJesu. Siphe khona Nkosi.

Baba Nkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu, kwangathi angemukela . . .? . . .

Baba Nkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu, kwangathi angemukela uMoya oNgcwele . . .? . . . zonke izinto . . .? . . .

Baba waseZulwini, Wena Okhona manje, kwangathi Ungathumela uMoya oNgcwele phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu.

Woza, Dadewethu othandekayo. Woza—woza ukhuphuke ngqo, ngamunye—ngamunye manje, khona phezulu lapha ukuze . . . Yebo, Dadewethu.

238 Baba wethu waseZulwini, ngogcobo lukaMoya oNgcwele, kwangathi udadewethu angamukela uMoya oNgcwele. Lapho uPetru ehla, futhi wabakhulekela, futhi wabeka izandla phezu kwabo, noMoya oNgcwele wafika phezu kwabo, ngikhulekela ukuthi esamukela umbhaphathizo wakhe wamanzi, kwangathi uMoya oNgcwele ungeza phezu kwakhe. Ngiyakhuleka, eGameni likaJesu.

239 Ungeza ngaphambili manje na? Yima nje uthandeka ngempela futhi uthule, umzuzwana nje. Kulungile.

240 Baba waseZulwini, njengoba lona obukeka eqinile, umfo osemncane emi lapha, kwangathi, njengoba amanzi emsibekela, kwangathi uMoya oNgcwele ungamgcwalisa. Kwangathi angasetshenziselwa inkazimulo yaKho, Nkosi, yisithembiso saKho. EGameni likaJesu. Amen.

241 Ngabe ngigeje oyedwa, omunye na? Ngibeka izandla phezu kwabo, leso yisithembiso:

> *Phendukani* yilowo nalowo*, nibhaphathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono* zenu*, khona* ni*yakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.*
>
> *Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, naku*bo *abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.*

242 Leso yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Ngabe ukhona omunye ngaphambi kokuba sinikele lomkhuleko futhi siye echibini, ongakaze abhaphathizwe na? Omunye.

243 Baba onomusa, phansi kokugcotshwa nokulahlwa yicala koBukhona bukaMoya oNgcwele, lendoda iza nekhanda nenhliziyo ekhotheme, lapho yemukela umbhaphathizo wamanzi, kwangathi ingagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, eGameni likaJesu Kristu.

Dadewethu.

244 O Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela isibusiso saKho phezu kukadadewethu, kwangathi angemukela loMoya oNgcwele obusisiwe, lapho eya emanzini ukulalela umyalo waKho. NgoJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

245 O, umzuzwana onesizotha kanje pho! U—ukubabazeka kukaMoya oNgcwele. Kubonakala sengathi kukhona oWudabukisayo. Angazi, mhlawumbe yimi, niyabo, ngoba, nge—ngethemba ukuthi akunjalo, ngoba ngenze isitatimende esibi kabi emizuzwaneni embalwa nje edlule ngingazi, ngize ngazizwa ngisho mina uqobo ngikusho, ngayala lezizethameli phambi kukaJesu Kristu ukuthi zizophendula "Kungani na?" ngaloloSuku, niyabo. Akukho-zaba, niyabo, ngoba Usezibonakalisile Yena uqobo ngeZwi laKhe, ngeZwi laKhe, kubantu baKhe, futhi Ulapha; ngikhombise noma yikuphi kwenye indawo. Niyabo? Niyabo? Ngabe yilokho kuphela manje na? Omunye na?

246 O, woza, Dadewethu othandekayo, yebo, lentombazanyana eyinjejane. Dadewethu onokukholwa okuqondile, ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi uphendukele kuKristu, kungikhumbuza ngendodakazi yami uqobo encane, uRebekah.

247 O Nkosi Nkulunkulu, Ungeke wavumela . . .?. . . kwangathi angagcwaliswa ngoMoya oNgcwele . . .?. . .

248 Baba wethu waseZulwini, ukulinda bekufanele. Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa udadewethu manje, umgcwalise ngoMoya oNgcwele njengoba eKulalela, ehla. Ufuna ukunokolotwa ekwesabeni neminako yokuphila. Kwangathi uMoya oNgcwele, uMjovo othakwe nohluzi omkhulu

kaNkulunkulu, osusa isono, kwangathi Ungangena empilweni yakhe futhi umqondise kulo lonke uhambo lwakhe. NgeGama likaJesu.

Hlala nje khona lapho umzuzwana nje, Dadewethu.

249 Ngabe lokho sekuphelile na? Wonke umuntu manje na? Khumbulani wonke umuntu uyezwa manje ukuthi. . .Cabanga ngakho nje, mngane. Ngineqiniso uma ngempela besinga, sibe nohlobo oluthile lwento ebesingayincinza ngezandla zethu, futhi siqonde ukuthi kwenzekani lapha manje! Asi—asikwazi. Ngi—ngisho lezizinto mhlawumbe ngokuphica kini, mhlawumbe a—anikuqondi, kodwa uma nina, benginganivumela kuphela nibe nalokho engi—ngi—ngikwaziyo manje, engikuzwayo manje, futhi ngazi ukuthi kukhonani! Ihora elikhulu lesinqumo, lelibandla selifike ehoreni lalo, lifika eNtabeni yokuGuqulwa isimo yalo kulenhlanganyelo.

250 Izinto zenzekile okwakungakaze kucatshangwe ngisho ngazo, kodwa kwaprofethwa kudala ukuthi kwakuyokwenzeka. Leli yihora lesinqumo kwabaningi; ngijabula kakhulu ukuthi laba bayeza. Kucabangeni, uMoya oNgcwele omkhulu kaNkulunkulu, owahlangana nobaba u-Abrahama phandle lapho, wehlele phakathi kwethu, usebenza ezimpilweni ezifayo, ngamunye wethu sidabula kulesisakhiwo, khona impela Athi Uyokwenza.

251 Sibona imihlangano emikhulu nezinkomfa okwakhulunywa ngazo eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu edlule kwenzeka nje evikini noma amabili edlule, sibona unyaka we-athomu. Bengicaphuna izolo ebusuku isiprofetho engasinikwa emuva ngo 1933 sezinto eziyisikhombisa eziyokwenzeka: IJalimane, uMugqa iSiegfried, nokhetho lukaMongameli, nazo zonke lezi ezinye izinto. Ezinhlanu zazo sezivele zenzekile, zimbili ezisele, ukufika kokulawula kowesifazane e-United States ukuba angamele, mhlawumbe ibandla elizokwengamela ukuba libuse. Bhekisisani, ngu ISHO KANJE INKOSI.

252 Ngase-ke ngibabona bedala imoto eyayingadingi isitelingi kuyo. Ngiwubonile lowoMugqa iMaginot kwakuyiwo, esikhundleni seSiegfried, uMugqa iMaginot iminyaka eyishumi nanye, futhi ngatshela abantu, kubhalwe ephepheni. Akakaze nakanye, ngiyala noma yimuphi umuntu ebukhoneni bobuNkulunkulu, noma ezweni, ukuba ake angitshele kanye ukuthi uMoya oNgcwele wake wakhuluma futhi washo lezizinto ukuthi akufezekanga. Niyabo? Kunjalo. O, ihora elinje pho esiphila kulo! Umzuzwana onje pho khona manje, ukuthula njengokufa ndawondawo. Niyabo?

253 Manje, ngi. . .Ngabe ukhona omunye na? Ngabe ukhona omunye ongathanda ukuza ngalomzuzwana, angathanda ukwenyukela lapha, futhi athi, “Angikaze ngiwemukele uMoya

oNgcwele, Mfowethu Branham. Ngi—ngi—ngiyilunga lebandla, angikaze ngibhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, ngifafaziwe," noma ngathelwa, noma yini okunye, "kodwa ngi—ngifuna ukuza ngendlela iBhayibheli elingitshela ngayo. Anginamahloni, ngi—ngi—ngifuna uKristu, ngiyeza khona manje"?

254 Ngizothi nje, kanye futhi sizocula, futhi sikhumbule-ke kuze kube kusasa ekuseni khona-ke. Khona-ke sizothatha lezizethameli lapha ngqo esitezi esingaphansi. Ngicabanga ukuthi yonke into isimi ngomumo, nendawo yokubhaphathizela igcwalisiwe, futhi sesilungele ukungena embhaphathizweni nje . . .

Nangu omunye futhi umuntu. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu, woza lapha. Ngiyathanda ukubeka izandla phezu kwabantu ngoba iBhayibheli liyasithuma ukuba sikwenze. Bukani.

255 Baba waseZulwini, kwangathi angemukela izibusiso zikaNkulunkulu. Uyehla, manje, aye entweni ethize engu ISHO KANJE INKOSI. Mnike, Nkosi, ukwaneliseka, lomnokoloto esikhulume ngawo ngaleyondlela, Baba. Ngiyakhuleka, eGameni likaJesu.

. . . ngomusa uJesu . . .

UNkulunkulu akubusise.

256 Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi uzonika umfowethu futhi lomnokoloto esikhuluma ngawo. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angawemukela. Amen.

UNkulunkulu akubusise manje, Mfowethu.

257 Baba waseZulwini phezu kwentombazane encane, sengathi Wena . . .?. . . eGameni . . .?. . .

